


U-ABRAHAMA

 Asibe silokhu simile umzuzwana nje. Ngiphatheke kabi ukuba leyithi kancane kulobubusuku, kodwa bengisegumbini labaphuthumayo phandle lapho, futhi ngibambezeleke kancane. Ngakho, ngaphambi kokuba sihlale phansi, ngingathanda ukufunda umBhalo lapha otholakala kuGenesisi ukuqedela indaba engiyiqale izolo kusihlwa. KuGenesisi 22 siyakufunda, lokhu kusukela evesini 7:

U-Isaka wakhuluma ku-Abrahama uyise, wathi, Baba wami: yena wathi, Ngilapha, ndodana yami. Wathi, Bheka umlilo nezinkuni: kepha liphi iwundlu lomnikelo wokushiswa na?

U-Abrahama wathi, Ndodana yami, uNkulunkulu uzakuzibonela iwundlu lomnikelo wokushiswa: ngabo ba . . . bobabili . . . bahamba kanyekanye.

2 Nevesi 14 futhi:

U-Abrahama waqamba igama lendawo ngokuthi uJehova-jire: njengalokhu kuthiwa nanamuhla, Entabeni yeNkosi kuyakubonelelwa.

3 Asikhothamise amakhanda ethu manje umzuzwana nje, njengoba sisondele kuMqalisi waleliZwi ngomkhuleko.

4 Baba onomusa kakhulu, siyajabula kulobubusuku, ukuthi uNkulunkulu ka-Abrahama unguNkulunkulu wethu, ukuthi singabantwana baKhe ngesithembiso ngoJesu Kristu, khonake, futhi Usenguye nje kulobubusuku kubantwana baKhe, njengoba Wayenjalo kubaba u-Abrahama, ngalokho Ayeyikho ku-Abrahama, isibusiso asithembisanga u-Abrahama kuphela, kodwa nabantwana bakhe emva kwakhe. Futhi ngenkathi lowo Omkhulu nonamandla efika, lowoMntwana onamandla, iNkosi uJesu, Wanikelwa ngenxa yesona, ngenxa yesona sethu, ukuze thina, ngokulunga kwaKhe, sibe ngabantwana baka-Abrahama, ongabantwana bakaNkulunkulu ngesithembiso.

5 Manje, Baba, sikhulekela ukuthi Uzosinika, kulobubusuku, ukukholwa u-Abrahama ayenakho. Futhi njengoba sikhuluma ngeZwi, kwangathi uMoya oNgcwele ungakuqinisekisa konke lokho Okulobile. Futhi kwangathi, lapho sisisuka lapha kulobubusuku, emva kokuba lomugqa womkhuleko usuphelile, siqale siye emakhaya ethu ehlukene, kwangathi singasho njengalabo ababevela e-Emawuse, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endloleni na?”

6 Makenze kulobubusuku, izinto Azenza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, ukuthi le-Emawuse kulobubusuku,

ingahle yazi ukuthi Uvukile kwabafileyo, futhi ngokushesha, siyohamba, sitshela abanye, “Qiniso, iNkosi ivukile kwabafileyo, futhi ibonakele kithi lapha eYakima.” Siyakucela, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

⁷ Ningahlala phansi. Bangingi ababeka amaduku phezulu lapha, ngiyawakhulekela ubusuku ngabunye. Ngiyakhumbula eNingizimu Afrika, enye yezincwadi, ngikholwa ukuthi yabhalwa nguMfundisi uJulius Stadskev, wabhala incwadi, ngiyakholwa, *UMprofethi Uvakashela I-Afrika*, futhi babenamasaka amakhulu amaningana esaka enqamule emsamo, ebekiwe egcwele iposi, nomhleli wephepha i*The Reporter*, wathi, “UMfowethu Branham ukholelwa ezeni impela.” Wathi, “Ubekhuleka phezu kwendwangu.”

⁸ Bavele nje, abakaze bezwe ngakho, niyabo. Futhi kusobala, leyo yingxenye yeVangeli, leyo yinto ethize uNkulunkulu ayethembisile Ayibusisile. Futhi sine—neketango, umkhuleko, umhlaba jikelele ngalezizindwangu, abanye abantu uvuka ngeleshumi nambili nqo, abanye ngelesithathu nqo ekuseni, futhi sonke siyahamba futhi sikhuleke ngokweSikhathi eSijwayelekile saseMpumalanga. Sithumela lezo ngaphandle zivela etabernakele emhlabeni jikelele. Abantu bayasukuma, bekhulekela abanye, hhayi benzela bona uqobo, benzela abanye, nabanye bayabakhulekela, njengoba senza lapha ebusuku. Futhi ngiyantshela, benifanele nibone ubufakazi obungenayo bezinto ezinkulu iNkosi eyazenza.

⁹ Ngikhuluma nje, izolo ebusuku, ekamelweni labaphuthumayo, bekukhona omncane, owesifazane oyiJalimane owathunyelwa esikhathini esingeside esedlule, futhi wathola indwangu yomkhuleko, futhi e—e... Yisiqephu esincane seribhini, ngangivame ukuthumela iduku, kodwa lapho beba baningi kakhulu, angikwazanga ukwenza lokho, ngakho-ke ngivele ngithole amakhulu amayadi eribhini, ngihlale phansi ngilikhulekela, ngilithumele kwabagulayo nabahluphekile.

¹⁰ Futhi lona omncane, owesifazane oyiJalimane, wathola ukuyalelwa, futhi bamhumushela ukuthi kwakuyini ngesiJalimane, ukuthi umbiza kanjani kuqala umelusi wakho, futhi uma umelusi wakho engenakuza, umKristu othize olungileyo, ophuma komakhelwane, noma elinye ilunga lomndeni wakho, vuma onke amaphutha akho, uma unawo, khuleka, uthathe lesisiqephu esincane sendwangu, bese usiqhasela engutsheni yangaphansi, ubeke izandla zakho phezu kwaso, futhi utshele uNkulunkulu ukuthi uzoMkhonza impilo yakho yonke uma Ezokuvumela uphile.

¹¹ Bese kuthi-ke, lapho wenza lokho, bese kuthi-ke ihora ngalinye emahoreni amadala omhlatshelo, ngelesishiyagalolunye nqo, ngeleshumi nambili nqo, nelesithathu ntambama, iSikhathi eSijwayelekile

saseMpumalanga, yilapho ngikhuleka khona ngesikhathi esifanayo, futhi sizungeza iwashi elikhulu kanjalo, nasemhlabeni jikelele. Futhi wena nje. . . UNkulunkulu angeke akushaya indiva lokho, umhlaba wonke jikelele ngomzuzu ofanayo yimikhuleko yamakhulu namakhulu abantu ededeleka ngesikhathi esisodwa.

¹² Nalona omncane, owesifazane oyiJalimane wabeka leyo phezu kwakhe, futhi wabiza omakhelwane bakhe, umelusi wakhe, wayekade enesifo samathambo iminyaka engamashumi amabili *ntento*, esesihlalweni esinamasondo. Kwakuthi ukubukeka kahle, futhi kuzwela, kodwa wathi, ngenkathi ebeka lesa lapho wathi, “Manje, Mnu. Develi, ungeke usangibamba, ngakho phuma nje, ngiyeza.” Waphuma esihlalweni esinamasondo wahamba, futhi waqala ukuhamba. Yebo. Kalula kanjalo nje, kulula kanjalo nje, ukukholwa kunjalo.

¹³ Futhi engikuthathele lobubusuku, ukukhuluma ngokukholwa, yingoba abantu bazama ukwenza ukukholwa kuxake. UNkulunkulu akakwenzi kuxake, yithina esikwenza kuxake. Siphumela le lapho, sizama ukuthola into ethize phandle le lapho, futhi nakhu khona lapha ngakithi, kalula. Uma unokukholwa okwenele ukuhamba unqamule kulelophansi, unokukholwa okwenele kwanoma yini uNkulunkulu ayethembisile. Uma unokukholwa okwenele ukuphakamisa isandla sakho, ngani, u—unokukholwa okwenele kwanoma yini enye. Ngokukholwa okulula. Kugcobe nje ngehisopi, enginitshela lona emilayezweni.

¹⁴ Thatha iGazi nje futhi ngokukholwa okulula, njengoba nje udla, uphuza, uhamba ngezinyawo, ushayela imoto yakho, ukhuluma, kumbe noma yini enye, kulula kanjalo nje. Kodwa lapho, uqala ukucabanga, “O, ngingakwenza na? Ngingakwenza na?” Niyabo? Khona-ke u—uzothi ngqu uqhele e—entweni enkulu. Ufanele ubuyeke lapha kokulula, ukukholwa okunjengomntwana, ukuba nje ukholwe uNkulunkulu, uthi, “UNkulunkulu wakwethembisa, okungokwami, uKristu wakufela, futhi kungokwami,” futhi nje uqhubeke ngqo, futhi ukukholwe, futhi ungacabangi lutho olunye ngakho, nje, kulungile, sekuphelile, futhi uzophila. Manje, ngiyazi ukuthi lelo yiqiniso, ngoba ngikuzamile.

¹⁵ Kodwa manje, uma unesono esingavunyiwe enhliziyweni yakho, impela ngeke kusebenze, ufanele usivume isono sakho. Kholwa eNkosini uJesu Kristu, Memukele njengoMphulukisi wakho, njengoba ubungenza nje njengoMsindisi wakho.

Bathi, “Ngabe—ngabe ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuhlala isikhathi eside, Mfowethu Branham na?”

¹⁶ Ingobo nje uma ukukholwa kuhlala isikhathi eside. Lapho ufika endaweni othi awusasindisiwe, khumbula, ulahlekelwe

yizinkundla zakho khona lapho. Lapho ukuvuma kwakho kwehla, khona-ke ukukholwa kwakho kuyehla.

¹⁷ Futhi manje, into yokuqala amaHeberu akusho lokhu, ukuthi uJesu Kristu ungumPristi oMkhulu enza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu. Futhi ngaphambi kokuba uNkulunkulu akwenzele into eyodwa, ufanele kuqala, uvume ukuthi Ukwenzile. UngumPristi oMkhulu wethu. . . Kusobala, iKing James ithi ukuvuma ngokusho, futhi ukuvuma *ngokusho nokuvuma* yigama elifanayo. Niyabo? *Vuma ngokusho* ukuthi kunjalo, noma *uvume* ukuthi Unguye. Niyabo? *Vuma ngokusho*, ngivuma ngokusho ukuthi ngingumKristu, noma *ngivume* ukuthi ngingumKristu, akwenzi mehluko.

¹⁸ Bese kuthi-ke, nowesifazane ethinta ingubo yaKhe, kwathi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Manje, lezizifundiswa ezinkulu zamaGrekini lapha, ziyokutshela, ukuthi lelogama lapho esiGrekini lithi *sozo*, okusho nje ncamashi njengokuthi, “usindisiwe ngokomzimba,” noma “usindisiwe ngokomoya,” okufanayo ekuhunyushweni, *sozo*. “Ukukholwa kwakho kusozo,” kukusindisile. Ukukholwa kwakho kuyakusindisa esihogweni, ukukholwa kwakho kukusindisa ekufeni, ukukholwa kwakho kuyakusindisa ekuguleni, niyabo. *Yisozo*, igama elifanayo.

¹⁹ Ngakho ukukholwa okufanayo onakho kuNkulunkulu kwensindiso yakho kungukukholwa okufanayo okusebenzisa ekuphulukisweni kwakho. Kulula nje, kukholwe, sebenzela phezu kwakho, akuthathi noma yimaphi amadlingozi, akuthathi lutho ezweni kodwa nje ukukholwa okwejwayelekile. Awudingi ukuzwa lutho. Awudingi uku. . . Into kuphela ofanele uyenze ngukukholwa okuthile, ukholwe ukuthi uJesu wafa ukuze ungasindiswa, futhi kungokwakho. Ukukholwa kulula kakhulu.

²⁰ Ngolunye usuku, kwakukhona u, ngangihambahamba, futhi kwakukhona u—kwakukhona umfundisi ehlezi phandle ngaphansi kwesihlahla, uMoya oNgcwele wathi kimi, “Hamba ukhulume naye.” Ngawelela lapho, nomkakhe uyaphuma, neqembu labantu ababekade belapha, futhi abakwazanga ukuthola akhadi lomkhuleko, futhi babengazi ukuthi kwakukhona igumbi labaphuthumayo, futhi babefanele babuyele emuva. Niyawubona umusa kaNkulunkulu na?

²¹ Kwase kuthi-ke, awu, ngenkathi ngiselapho, uMoya oNgcwele wehla futhi uqala ukwembula zonke izinhlobo zezinto. Nalabobantu baqala ukukhala izinyembezi, futhi beqhubeka. Ngase ngithi, “Uze neNdiya. Kukuphi lokho na?” Futhi ngakho ngathi, “INdiya liyintombazane encane, futhi belinemfiva, ikhubaze ubuchopho bayo.” Naleyondoda iqala ukukhala izinyembezi; yayiyisithunywa senkolo kumaNdiya. Futhi yathi. . . Ngathi, “Thola intombazane, sizoyikhulekela.” Futhi ngathi, “Uyise akanayo imali yokuhlala obunye ubusuku.”

22 Yilokho okungilimazayo. Ngiyamangala ukuthi kwake kwenzeka kanjani. Ngi—ngi—ngizofanele ngishintshe ukwenza engikwenzayo, ngoba angixhumani nokwenele kwabantu ngalemibono.

23 Abantu eMelika, safundiswa isikhathi eside kakhulu ukuthi sifanele sibeke izandla phezu komunye nomunye. Futhi ngempela, yilokho impela ubizo lwami okwakufanele lukwenze, iNgelosi yeNkosi yangitshela, ngazalelwa ukukhulekela abantu abagulayo. Kwakuyimi engabuza, Yayisithi-ke, “Ngalezizibonakaliso, kuyobabangela, bakholwe.”

Ngathi, “Bebengeke bangikholwe. Angifundile, futhi bebengeke bangikholwe.”

Wathi, “Ngalokhu bafanele bakholwe, ngoba niyoyazi yona impela imicabango yenhliziyo yabo.”

24 Izikhathi eziningi ngifisa ukuthi ngezinye izikhathi ngangiyoba nenye into ethize, ngokuba izikhathi eziningi ngima phambi kwabantu, obeka izandla zabo emhlane wami, futhi bangibize ngomfowethu, futhi ngiyazi ukuthi lokho akunjalo. Niyabo? Ngime nabo, ngisho nabantu abahlalayo, futhi bathi, “O, Mfowethu Branham, nginoMoya oNgcwele,” nezinto ezinjalo, futhi wazi ehlala nomfazi wenye indoda, noma umyeni womunye wesifazane othize. Ukuma futhi ufanele ukugwinye lokho lapho wazi okwehlukile, kuyasika futhi kuyalimaza. Ungalokothi ukufise, ungalokothi ukufune, awazi ukuthi yini ehambisana nakho, niyabo.

25 Umngane wami olungileyo, sasihlezi nje etafuleni, umfundisi, futhi ngangimbhalele, futhi wayeyindoda ekahle, ngahlangana naye futhi ngangihlezi nje etafuleni ngidla ngoluny’usuku, futhi ezansi eLouisiana, kukhona okwenzekayo. Ngabuka ngaphesheya kwetafula, futhi ngifisa sengathi ngabe angikwenzanga, kungizwise ubuhlungu kusukela lapho. Ukuba nje angikwenzanga! Yingalesosizathu, ngizama ukukuqhelisa ngangokunokwenzeka, ukuba ngingakuboni. Angi—angifuni ukuba nalowomuzwa, ngifuna ukukholwa ukuthi kukhona . . . ongithandayo, empeleni, niyabo. Futhi awufuni ukuba nakho, futhi awuqondi ukuthi yini ofanele ulwe nayo, wazi.

26 Bese kuthi-ke, ukuthi omunye umuntu uthini, nokuthi omunye uchaza ukuthini enhliziyweni yabo ngezinye izikhathi yizinto ezimbili ezehlukene. Futhi uyakuzonda ukwazi lokho, ngoba ngiyabathanda abantu, futhi ngifuna ukubathanda ngothando lweqiniso, ngingazi ngisho nokuthi bacabangani. Kodwa lokho akwenzi mehluko, kodwa ngi—ngifuna ukuthanda, noma kanjani. Bese kuthi-ke, kodwa lapho sithola ukuba lula kakhulu, siyoba ngcono.

27 Bengikhuluma nje ngamaNdiya. Ngiyakhumbula ukusebenzelana kwami kokuqala namaNdiya. Ngethembisa i—iNkosi, kulesisithunywa senkolo, ngenkathi ngikhulekela

intombazanyana, ngase ngiyithumela ekhaya, uma...ngase ngithi, “Nkosi, uma Uzovumela lowomntwana asinde, ngizoya esabelweni.”

²⁸ Ngiyakhumbula ePhoenix, okokuqala kwakuseSan Carlos, i-Apache, amaNdiya okuqala engawakhulekela. Ngangihlala njalo ngiwadabukela amaNdiya, awatholanga isivumelwano esihle kakhulu, siyakwazi lokho. Ngakho ngalobobusuku eSan Carlos, emuva eminyakeni eminingi edlule, babene...sawelela lapho, futhi sathi, “INdiya kuphela.”

²⁹ Futhi ngakho ayephumele ezabelweni zawo, futhi o, ngenkathi ilanga lishona ngaleyontambama, kwakukuhle ukubona i, onke ehlezi egqoke izingubo zokulala, kanjalonjalo, emile futhi ehlezi. Futhi ngangisemishini encane ye-Assembley of God phandle egosini, isikhulumi esisodwa nomhumushi oyedwa, nalowo wesifazane...Awanayo imisho, noma izigaba, noma izimpawu zokuloba, inkulumo ithi ukuba namahhadlahhadla.

³⁰ Futhi ngakho mina, owesifazane wayehumusha, ngase ngiqhubeka, ngase ngithi, “Manje, nina bantu, ngiyanidabukela,” ngathi, “kodwa nje ngingowaseMelika oyedwa.” Ngathi, “Angicabangi ukuthi kwakulungile, ukunifuyela phandle lapha kulezizindawo, kanjalonjalo,” ngathi, “Ngicabanga ukuthi kungenye yamabala amakhulu kunawo onke ake aba seflegini.”

³¹ Futhi ngathi, “Besingathanda kanjani ukuba iJapani ibiyinqobile impi, futhi isifuyele endaweni enjalo na? Bekungeke kuhlale kahle kakhulu. Ngakho, futhi nihlala phandle lapha nineTB nayo yonke into, nibulawa yindlala uhhafu, nakho konke okunye, futhi sithumele izigidi ngaphesheya kwezilwandle usizo, futhi silapho-ke.”

³² Niyabo, ngakho ini...Uthando luqala ekhaya, kusho iBhayibheli. Futhi kumMelika wangempela...Khumbulani, asisibo abaseMelika, ayibo, uNkulunkulu wawanika lelizwe, singena phezu kwawo, sawamuka lona ngamandla, sawafuyela ngaphandle ogwadule ndawondawo, ezweni elimpofu kunawo onke. Ngakho kungaleyondlela...Banikeze impesheni encane, noma *into ethize enye*, cishe eyenele ukondla umntwana oyedwa, futhi bengihlala ngizwa ubuhlungu ngakho, ugoro wami wayehola impesheni.

³³ Ngakho manje-ke mina, phandle lapho ngalobobusuku... INdiya lingumuntu oxakile, linjengomnyuzi, ngeke lidle esitebeleni esingaziwa, ngakho la-lahlala lapho lase liqalaza isikhashana, futhi wawungawabona ebhekise ikhanda phansi. Liyoma futhi likulalele, kodwa ungeke wazi noma ucabange ukuthi likulalele, kodwa lithatha onke amazwi owashoyo.

³⁴ Ngakho, ngenkathi inkonzo, lapho sengiqedile ukukhuluma, ngathi, “Manje, ngiza ukuzokwethula kini uMuntu othize Ozoninika isivumelwano esifanele, lowo nguJesu Kristu,”

ngathi, “Uyanithanda, futhi ngilapha ukuzoMmela. Uhulumeni, kanjalonjalo, angamela isizwe, kodwa mina,” ngathi, “ngize lapha ukuzoMmela, futhi Uzoninika uhlobo olufanele lwesivumelwano.”

³⁵ Kwase kuthi-ke, lapho sengiqedile ukusho lokho, ngathi, “Manje, wonke lowo ofuna ukukhulekelwa . . .” Asikho isidingo, wawungeke ukhiphe amakhadi omkhuleko, ngoba yayingekho indlela yokubamisa umugqa, ufanele nje ubambe indawo encane ngapha, futhi udedele oyedwa adlule njengoba ebengenza. Ngakho, ngathi, “Manje, nonke enifuna ukukhulekelwa, sukumani.”

³⁶ Awu, ngangishiye ezansi ePhoenix nabantu baseSpain, futhi o, he, kwa—kwakwesabeka, bona, ukuthi babeyongena kanjani emgqeni, izinkulungwane zabo. Bese kuthi-ke, ngathi, “Manje, into . . .” Ngathi . . . Futhi ngabuka, futhi ngacabanga ukuthi wonke umuntu uyogxuma futhi agijime, kodwa kwakungekho muntu owagxuma futhi wagijima, wonke umuntu wahlala wathula. Ngathi, “Ukushilo engikushilo na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane.”

³⁷ Ngathi, “Kusho futhi.” Ngathi, “Wonke umuntu ofuna ukukhulekelwa, khuphuka ngezitebhisi *ngapha*, futhi uwele ngalendlela, ngokukholwa nikholwa kuJesu Kristu, enginitshela khona.”

³⁸ Futhi ngakho, akukho-muntu owasukumayo, wonke umuntu wavele wahlala wathula du, akukho-muntu owasukuma nhlobo. Futhi emva kwesikhashana isithunywa senkolo saya emuva sangena egumbini, futhi sakhapha owesifazane oyiNdiya. Awu, ngaphenduka, ngabuka emva kwami, engangingakakwenzi, futhi babenazo zonke lezizingane ezincane kulembeleko encane abanayo emhlane wabo, niyazi, zilenga ngasodongeni, kwakukhona isigejane sabesifazane phakathi lapho.

³⁹ Nakhu kuza owesifazane oyedwa edlula, niyazi, nalengane encane, wangibuka, ngase ngithi, “Ngingasibamba isandla sakho na?” Futhi esikhulukazi, isihlakala esibanzi, futhi wangibuka kancanyana, ngase ngimbuka, ngase ngithi, “Manje, owesifazane uphethwe isifo sofuba, futhi unesifo samehlo iglakhoma, futhi.”

Nomhumushi washo lokho, futhi waphenduka, wangibuka, “Ukwaze kanjani lokho na?”

⁴⁰ Ngamkhulekela. Olandelayo uyadlula, hhayi ngenxa yokuphila okubi, kodwa indlela ayefanele aphile ngayo, wayenesifo esiphathelene nocansi, ongahlanzekile, kodwa hhayi ophila kokuziphatha okubi. Futhi watshela . . . Futhi wangibuka, nawo onke lawomaNdiya kade ebukana.

⁴¹ Olandelayo kwakuyintombazane encane, nomama wayenayo, futhi ngakho ngathi, “Intombazanyana ibinemfiva,

futhi emfiveni kwayenza yaba yisithulu, ayikwazi ukukhuluma futhi izwe, iyisimungulu.”

Futhi ngenkathi umhumushi esho lokho kumama, umama wanqekuzisa ikhanda lakhe, “Yebo.”

⁴² No—noyise wayengenye yezinduna oshifu, ngase ngithatha intombazanyana ngayigona ezingalweni zami, ngase ngikhulekela into encane. Izinwele zayo ezincane zimaholoholo njengomhlwenga wehhashi, niyazi. Ngakho, ngayikhulekela, ngase ngiyihlalisa phansi kanjalo. Ngathi, “Buka lapha, s’thandwa.” Ngathi, “Uyangizwa na?” Ngaphendula ikhanda layo kanjalo, niyazi, ngase ngi [UMfowethu Branham ushaya ihlombe—Umhl.] ngenza kanjalo. Ngaqalaza, yona, lawomehlo amancane amnyama, angibuka ngapha nangapha. Ngathi, “Iyenzwa, futhi ngiqinisekile ukuthi iyakwazi ukukhuluma.”

Yathi, “Bhli bhla bhla,” into ethize enye efana naleyo.

“O,” ngathi, “izokhuluma kangcono kunalokho.”

Umhumushi wathi, “Inkulumo yakhe inqwabelana kahle manje.” Ngakho yayisilungele uku... kulungile.

⁴³ Ngakho, kwase kuthi-ke olandelayo kwakungomncane, umfana onezinxemu. Khona-ke amaNdiya aqala ukubhekisisa. Olandelayo uyaphuma, wayebhekise ikhanda lakhe phansi, ethi ukuba namahloni, ezakhe ezincane, um-Apache, izihlathi ezikhuluphele zilenga, izinwele zilengela emehlweni akhe. Ngase ngithi, “Manje, umfana omncane, ngabe umfana ofuna ukukhulekelwa na?”

Nomhumushi wathi, “Mama, yebo.”

⁴⁴ Ngase ngithi, “Manje, umfana omncane unezinxemu.” Futhi ngakho, Kwakusho lokho, nomama wathatha lesosandla, wayesembamba ngasesiphundu, wayesesibuyisela emuva, namehlo akhe amancane ebheke njo *kanjalo*.

⁴⁵ Futhi ngathi, “Ake ngibe nomfana omncane.” Futhi nganginocezu lweshingamu ephaketheni lami, ngase ngilunika yena, futhi walubamba, wangibuka ngendlela exakile kakhulu. Ngamqokula ngezingalo zami, ngase ngicabanga... Ngathi, “Ungakuhumushi lokhu.”

⁴⁶ Ngathi, “Baba waseZulwini, ngicela ungiphe umusa...” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “. . . ukubona—ukubona kwabantu, ukuze ngiholele lamaMelikana angempela ngiwayise kuWe,” ngathi, “kuMoya oNgwele, into ethize ezobanika ukuthula, futhi—futhi ibayise ekhaya eNkazimulweni. Amehlo alomncane mawavuleke. Ngiyala uSathane ukuba amdedele.”

⁴⁷ Ngabuka phambi kwami, ngabona umbono womfana omncane engibuka ngqo, ngalendlela, namehlo akhe ekahle nje. AmaNdiya, ayehlezi nje, ebuka. Ngase ngithi-ke, “Manje, ngaphambi kokuba ngijikise umfana omncane,” wayebeke ikhanda lakhe ehloambe lami, “uma amehlo alengane

engaqondile khona-ke ngingumprofethi wamanga, ngixosheni esabelweni. Uma kunjalo, bangaki abazokwemukela iNkosi uJesu na?” Bonke baphakamisa izandla zabo. Ngathi, “Ucabangani, mama na?” Kowesifazane onjalo.

Futhi washwashwada into ethize kumhumushi, wathi, “Wathi, ‘Uma ubenga... Uma uNkulunkulu ubengaphulukisa isithulu nesimungulu, Ubengenza amehlo aqonde.”

⁴⁸ Leyo yinjulamqondo enhle, lokho. Ngakho ngamphendula umfana omncane, amehlo akhe ayeqonde ngqo njengawami. O, he, ukhuluma ngomugqa womkhuleko na? Saba nokunyathelana, babeza ndawo zonke nje. Futhi ngabuza umhumushi, wathi, “Bebcabanga kuqala ubungonamanga, kodwa manje sebeyazi ukuthi kuyiqiniso.”

⁴⁹ Into eyodwa nje futhi, kwakukhona uMfowethu Jack Moore... Bangaki abake bamazi uMfowethu Jack Moore, nina befundisi, waseShreveport, eLouisiana na? Wayengomunye weChristian Businessmen. Niyamazi...? ...futhi mhlawumbe abaningi benu, phandle lapho, bayamazi uMfowethu Jack Moore waseShreveport. Ya, bukani izandla. Wayenami, yena noMfowethu Brown.

⁵⁰ Futhi kwakukhona o—omdala, umama oyiNdiya owayelandela ngempela emgqeni ukuphuma lapha, kodwa kwakukhona umfana omncane oyiNdiya, cishe ishumi nesishiyagalombili, omncane, umfo oqatha, wavele nje wafuqa ngqo wangena phakathi kwabo bonke. Futhi nganginomugqa womkhuleko uyothi ngqu ezansi eSan Carlos, nje—nje bonke bemi umugqa lapho, wonke umuntu wayefuna ukukhulekelwa. Ngakho a—angikwazanga ukwenza umfana omncane abuyele emuva, nomhumushi akakwazanga ukumenza abuyele emuva. Ngakho, isalukazi sasilandela ngempela, noMfowethu Jack wavele nje wambamba ngezingalo, uMfowethu Jack uyisidlakela impela, indoda encane, wamqokula nje wase emhlalisa emuva.

⁵¹ Awu, olandelayo ozayo kwakungowesifazane omdala, oyiNdiya, wayebukeka ethi akabe neminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, nezinduku zomshanelo zinqunyiwe kwenzelwa izinduku zokuqhugela, nezindwangu ezisongelwe endukwini eyaya ngale ingxenye yaya ngale kwengalo yakhe, futhi wayezibambe *kanje* emnyango. Ngase ngimqweba, futhi wakhipha induku eyodwa *kanjalo*, wayesenyakazisa unyawo lwakhe, kwase kuba olunye. Ngavele nje ngathatha isikhathi sami, ngamlinda.

⁵² Futhi wenyukela eduze kwalapho engangikhona, futhi ngacabanga, “Lizokwenzenjani inenekazi elidala na?” Futhi ngizibonile izinwele zakhe zilenga, nesikhumba esilukiwe kuzo, niyazi, futhi ziba mpunga. Ngacabanga, “Into endala bandla, mhlawumbe yakhulisa isigejane sabantwana. Kudabukisa kanjani! Ngifisa sengathi ngangingakhuluma ulwimi lwakhe.”

⁵³ Futhi wangibuka phezulu *kanjalo*, nalawo amancanyana, amehlo ajulile, ephenduka ethi ukubukeka ephaphathekile, imibimbi emikhulu ezihlathini, nezinyembezi zisika indlela yazo zehla ngaleyo mibimbi. O, inhliziyo yami yavele yaphumela into endala! Futhi wangibuka kanjalo, wathi ukumamatheka, wafinyelela ngale wayesethatha induku yokuqhugela eyodwa wayeseyibeka kwesinye isandla, wazinikezela kimi, wayesehamba esuka emsamo njenganoma ubani nje omunye. Niyabo? Manje, ngiyanitshela, yebo, akukho-mkhuleko, akacelanga-muntu, ukukholwa kwakhe kwamsindisa.

⁵⁴ Manje bangane, *nanti* iBhayibheli likaNkulunkulu, lelo yiqiniso. Nginalo leliBhayibheli elifanayo, leliBhayibheli nina, abanginika lona eHouston, eTexas, emuva le ngo 1947, futhi nganginaleliBhayibheli elifanayo ngaleyonkathi, uNkulunkulu owabhala iBhayibheli uyazi ukuthi lokho kuyiqiniso.

⁵⁵ Ciske ngelesithathu ngo ekuseni, ngathi, “Ngizokhulekela wonke umuntu oza emgqeni.” Ngamisa ukwahlukanisa khona lapho, ukuze ngikwazi ukubakhulekela bonke. Futhi ngakho-ke, ciske ngelesithathu ngo ekuseni, ngabaqaphela beza bemanzi, phezulu le ngapha phakathi *lapha*. Ngase ngithi, “O,” kumhumushi, “kungani, bemanzi kangana na?”

⁵⁶ Wathi, “Bayagxambuza, bengalindi ukwehlela ezibukweni ciske amamayela ayishumi,” wathi, “baphuma bangene ogwadule futhi bathole abathandekayo babo, futhi bagxambuza bawela umfula nabo.” Futhi babebangenisa kuyo yonke into.

⁵⁷ Ngakho-ke, ngabuka futhi kwakukhona elikhulukazi, eliyisidlakela, iqhawe limi lapho, nezindebe zalo ziluhlaza okwesibhakabhaka ngempela, futhi laliqhaqhazela. Futhi ngabuka, kwakukhona ikhehla, lona nomunye umfo babese—ebhodini. Futhi babene—nebhodi libekwe *kanje* linepulangwe eliyisiphambano kulo, nelinye liphezulu *kanje*, futhi babenemilenze yendoda endala ibekwe phezu kwe—kwezinduku ezimbili zivundle ngalendlela, nezimbili zivundle ngalendlela babenezingalo zalo, futhi laliqhaqhazela life uhlangothi *kanjalo*, limpunga nje ngakho konke.

Ngathi kulo, ngathi, “Ukhuluma isiNgisi na?”

Lathi, “Kancane.”

Ngathi, “Uyesaba ukuthi uzongenwa yinyumoniya kanjalo na?”

“Qhabo.” Lathi, “UJesu Kristu unginakekele, ngilethe ubaba wami.” Ukukholwa okulula!

Ngathi, “O.” Ngathi, “Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphulukisa uyihlo na?”

“Yebo, ngabe angimlethanga.”

Ngathi, “Medlulise.”

58 Kufanele ukuthi kwakungumfowabo emuva lapho, wayebukeka efana naye kakhulu, futhi wedlula, wedlula, ngabeka izandla zami phezu kwekhehla, ngathi, “Nkulunkulu waseZulwini, busisa umfo omdala, muphe isifiso senhliziyo yakhe.” Wamedlulisa.

59 Olandelayo ozayo, ngabeka izandla kulowo. Into yokuqala, ngezwa umsindo omningi phandle lapho, lapha ikhehla lalinebhodi ehloambe layo, liphuma, livayizelisa wonke umuntu *kanjalo*. O!

60 Ukukholwa okulula nje, yilokho kuphela. Aba... Ababoshiwe bonke ngalokhu nalokho, ba—bayakholwa nje, yilokho kuphela. Manje, kwangathi uNkulunkulu angasisiza kulobubusuku, ukuba sibe nokukholwa kwamaNdiya, kunjalo, ukuba sikholwe.

61 UNkulunkulu uphulukisa intombazanyana, kuzoba yisibonakaliso, lokho kungaphambi kokuba ngiye eSan Carlos okokuqala, ngawelela lapho, ngoba uNkulunkulu waphulukisa o—owesifazane oza emgqeni womkhuleko, owayengohlulwa wuphuzo, futhi olandelayo ongenayo wayengonesifo sofuba, lawo maNdiya amabili. Futhi babuya nesitifiketi esivela kudokotela, ukuthi, cishe inyanga kamuva, ngenkathi ngiseCalifornia, ukuthi lona wesifazane wakhishwa kudokotela, iTB yakhe yayingasekho. Futhi ohlulwa wuphuzo wayengakaze aphinde aphuze.

62 Empeleni, lowo wesifazane waphakamisa isandla sakhe lapha ngobunye ubusuku, wasindiswa. Usekhona, dadewethu na? Owesifazane owaphakamisa isandla sakhe ngemuva, owesifazane osemncane na? Kulungile. Lokho kuhle. Kulungile. Lokho kuhle. Uzizwa unjani manje na? Unjani umyeni wakho na? Konke kulungile na? Uqhubeka kahle manje na? Kuhle. UNkulunkulu akubusise. Ikhaya elijabulisayo kuwe.

63 Umyeni wakhe waphulukiswa, naye, engohlulwa wuphuzo. A-hha. Futhi nje, futhi bekuyinkazimulo ukwazi ukuthi wethemba iNkosi uNkulunkulu. Ayikho into efana nayo. Manje, uma uNkulunkulu ezokwenzela lelokhaya lokho, Uyokwenzela ikhaya lakho okufanayo, Uyokhipha ukugula, akhiphe yonke into. UNkulunkulu akabheki buso bamuntu, Ucela kuphela ukukholwa okulula ukukukholwa. UNkulunkulu akubusise.

64 Manje, sisuke ku-Abrahama, izolo ebusuku. Niyamjabulela u-Abrahama na? Ngesinye isikhathi, e...ngangi... ngashumayela unyaka ekhaya etabernakele lami ngoJobe. Ngase ngimyisa ngale lapho ayekhona endundumeni yomlotha, futhi ngamgcina endundumeni yomlotha cishe amaviki ayisithupha. Abantu baba kahle ngempela, niyazi, kodwa babekhathele. Yilapho engangenza khona ukubuyekeza kwami khona lapho, uJobe endundumeni yomlotha, kungaleyonkathi iNkosi eyamenzela khona okuthize. Omunye udade okahle,

wayengafuni ukulimaza imizwa yami, kodwa wangibhalela incwadi, wathi, “Mfowethu Branham, uyoke umehlise uJobe kuleyondunduma yomlotha na?”

⁶⁵ Ngicabanga—ngicabanga ukuthi uma ngizokwenyusela u-Abrahama e—entabeni. Kodwa izolo ebusuku, bengihlose ukufika kuvuthondaba lwakho, kodwa uMoya oNgcwele wangimisa, futhi ngijabula kakhulu ukuthi Ukwenzile, ngoba imiphefumulo iza kuKristu, nokulalela kungcono kunomhlatshele.

⁶⁶ Manje isendlalelo esincane. Futhi indodana yami ingitshelile kulobubusuku, yathi, “Babayi, ba, bayisigejane sabantu abakahle ukwedlula bonke esake saba ngakubo.” Kodwa wathi, “Impela bakhombisa ukuthi bayabekezela,” wathi, “ubakhiphe sekuleyithi kakhulu.”

Ngathi, “Awu, Billy,” ngathi, “Ngithola okuningi nje kulokho njengoba benjalo.” Niyabo? “Ngi—ngifanele ngibekwe icala, nami.”

⁶⁷ Kwakunjengoba nje omunye wabafowethu eshilo ngolunye usuku ekudleni kwasekuseni lapho, ngikholwa ukuthi bekunguMfowethu Hobson othe, “Thina befundisi siyadinga uku, sihlala njalo siphikisana, sihlangani, siya emhlanganweni wesibhedlela ngokungakholwa, nasemsamo, ukungakholwa, nakuyo yonke enye indawo, ukungakholwa, sifanele sihlangani ndawonye, niyazi, sithi ukuhlala phansi kom-oki kanye ngankathi.”

⁶⁸ Ngangivame ukuba nomfundisi omdala eshumayela isikhashana ebandleni lami, igama lakhe kwakunguJohn Ryan, useye esitezi esiphezulu kulobubusuku. Futhi wa—wayezoshumayela isikhashana, bese kuthi-ke agijime futhi angidumele ngesandla, angixhawule.

Ngobunye ubusuku ngathi, “Mfowethu Ryan, ukwenzelani lokho na?”

⁶⁹ Wathi, “Ngishaja ibhethri nje, wena uhlezi emuva lapho ukhuleka, ngiphelelwe intshumayelo.” Ngakho, sifanele sishaje ibhethri njalo kanye ngankathi.

⁷⁰ Ngakho, sithola ukuthi uNkulunkulu wabiza u-Abrahama. Ngabe wayeyi—yindoda ekhethekile na? Qhabo, umuntu ojwayelekile nje. Futhi ngabe wayengumfo osemncane, elungele inkonzo na? Qhabo, wayeyindoda eneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlana ubudala, ngaphambi kokuba uNkulunkulu aze ambize. Ngakho, niyabo, uNkulunkulu akabheki ubudala, noma ikhono, noma isithunzi, noma... UNkulunkulu ubiza nje noma ubani Angambiza. Futhi ngakho, khona-ke sithola ukuthi uNkulunkulu wamtshela ukuba azehlukanise nezihlobo zakhe nabantu bakubo, futhi, kodwa wehluleka ukwenza lokho, noNkulunkulu akazange ambusise waze walalela khona impela Athi akakwenze.

⁷¹ Manje, besingeke yini sikufanekise lokho futhi senze umlayezo ngakho kulobubusuku, ebandleni lePentecostal na? Size sizinikele ngokuphelele kuNkulunkulu, ekulaleleni konke okweZwi laKhe!

UNkulunkulu akasiniki uMoya oNgcwele, futhi athi, “Awu, nginawo. Yilokho kuphela okukhona kukho.”

⁷² Qhabo, mnumzane, Ukunika uMoya oNgcwele ukuba usebenze, ube yiZwi, ube yinkonzo. Size silalele, silambe ezinhliziyweni zethu! Kunabantu abenele bePentecostal abahlezi khona phakathi lapha kulobubusuku ukuqala imvuselelo yePentecostal kulolonke lelizwe lapha, lokho bekuyokwenza, impela bekuyokwenza izinto ngapha, uma nje besingathola umlilo uvutha kahle, niyazi, futhi uthole umoya omkhulu uvunguza uvela eZulwini, njengokuvunguza komoya onamandla, into ethize ibiyokwenzeka.

⁷³ Ngakho manje-ke, sisuke ku-Abrahama, izolo ebusuku, ngenkathi ekade esephenduke waba yinsizwa. Angizukukubuzwa ukuthi uyakukholwa yini lokho noma qha, kodwa ngi—ngiyakukholwa mina uqobo, kodwa lokho akukwenzi kube kahle. Kodwa kukhona okwenzeka kuSara no-Abrahama. Siyakwazi lokho, asikwazi na? Kukhona okwenzekile, ngoba wayengazali, futhi owesifazane wayengazali. Futhi babeneminyaka eyikhulu ubudala, wayenayo owesilisa, nowesifazane waye, futhi indoda ingathandana kanjani nowesifazane oneminyaka eyikhulu ubudala na? Angikwazi nje...

Manje, omunye wathi, “O, babephila isikhathi eside ngalezozinsuku.”

⁷⁴ Mfowethu, funda umBhalo lapho, Wathi, “Bobabili base bekhulile.” Babebadala. Futhi siyathola, ukuthi akusikho lokho kuphela, kodwa amandla akhe owesilisa avuselelwa kabusha, futhi owesifazane ubuyela ekubeni ngomusha, owesifazane omuhle, no-Abrahama wayesebuyele ekubeni yinsizwa, futhi babebabulela ukuphila. Futhi khumbulani, kwathi nje emva kokuba sebehambile, lapho eGerari, uSara waba ngumama futhi wazalela u-Abrahama indodana.

⁷⁵ Anijabuli kakhulu ukuthi sizobuyela emuva na? Angazi ukuthi ngithini lapha, ngijabule kakhulu ngalokho. Ngiyazi, ngizo—ngizothembisa ukunikhipha ngaphambi kwesikhathi kancane, kodwa kukhona okusenzhliziyweni yami, ngifanele ngikusho nje.

⁷⁶ Manje, ngifuna ukukucacisa lokhu ngaphambi kokuba ngikusho: ngikholwa ukuthi iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka. Manje, iBhayibheli liyakusho lokho. Niyabo? Akulutho olwenzayo, yinto ethize uNkulunkulu ayenzayo. Niyabo? Akukho-muntu... Wena—wena uthi, “Ngafuna uNkulunkulu, futhi ngamfuna uNkulunkulu.”

Qhabo, awuzange, uNkulunkulu ukufunile, futhi wakufuna. Bekungesuwe ofuna uNkulunkulu, nguNkulunkulu efuna wena. Niyabo? Lokho kwakungukuqala, umuntu ezama ukucasha, uNkulunkulu ebiza. Futhi uJesu wathi, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala.” Niyabo? “Konke uBaba aNgiphe khona, kuyakuza kiMi.”

⁷⁷ Manje, manje qaphelani, selokhu ngisengumfana omncanyanyana cishe oneminyaka emibili—mibili ubudala ngaqala ukubona imibono. Umbono wokuqala engake ngawubona wawusesihlahleni, futhi i—iNgelosi yeNkosi yayiphakathi lapho njengomoya, futhi yangitshela ukuthi ngiyohlala eduze kwedolobha elibizwa ngeNew Albany. Futhi ngangineminyaka emibili ubudala, ngihlala ezintabeni eKentucky, futhi ngichithe impilo yami phakathi kwamamayela amathathu noma amane ukusuka eNew Albany, e-Indiana, amakhulu amabili, amamayela angamakhulu amathathu ukuqhela.

⁷⁸ Kwase kuthi-ke, kwaqala kusukela lapho, kwehle njalo empilweni, futhi akukaze nakanye kube yiphutha, kodwa lokhu, angikholwa, kwakungumbono. Ngifuna ukuvuma into ethize, ngangihlala njalo ngesaba kancane ukufa, ngisho selokhu ngibe ngumKristu. Hhayi kakhulu njengoba ngangesaba ukuthi ngangiyolahleka, kodwa nga—ngangingafuni ukuba ngu—ngumoya. Futhi ngangicabanga njalo uma sifa, siyoba nomzimba womoya, futhi ngiyohlangana nani bantu phezulu lapho, futhi ngiyothi, “Awu, yilabobantu engashumayela kubo ezansi eYakima. O, he, ngifisa sengathi ngabe benginesandla ukubaxhawula, kodwa isandla sami siyabola ethuneni, esabo sinjalo, futhi,” nokuthi asinayo nhlobo imizwa, njengelincane nje, ifu elimhlophe, umzimba kamoya, isimo somzimba, kamoya.

⁷⁹ Futhi angithandi noma yini eyisipoki, angikwazi nje ukukumela lokho, a—a—angikuthandi nhlobo lokho. Ngi, ngingasuka nje kulokho ngokushesha impela. Ngakho angi... Bengihlala ngikwesaba kakhulu lokho, ngathi, “Ngethemba ukuthi ngiphila ukuba ngibone uJesu efika,” ngoba ngangazi ukuthi ngangiyobuya lapho, futhi ngibe nomzimba okhazimulisiweyo. Kodwa ngi—bengifuna ukwazi njengoba ngazi manje, ukuze ngihlangane nomfowethu futhi ngimxhawule, futhi ngibe nesikhathi esimangalisayuo. Ngathi, “Uma nje ngingaphila kuze kufike uJesu bengegeke ngibe ngumoya, bengiyoguqulwa nje. Bengengeke ngibe nalesosikhathi sokudlula.”

⁸⁰ Futhi ngangikwesaba njalo ukufa ngenxa yalokho. Cishe emavikini amane edlule, qhabo, ngiyaxolisa, cishe emavikini ayisikhombisa edlule, ngangingenile ngiphuma emhlanganweni, futhi ngangilele embhedeni wami, futhi ngangivukile ngalokho kusa, futhi ngavuka, futhi ngathi ukubeka izandla zami, okungukuthi ngilala kanjalo, emva kwekhanda lami, futhi

ngilele ngincike ebhodini lezinyawo, noma, ihedbhodi yombhede. Kwase kuthi-ke, ngathi, “Awu,” ngathi, “S’thandwa, uvukile na?” kumkami, futhi wayelele kakhulu.

⁸¹ Futhi ngathi, ngalala lapho imizuzwana embalwa, ngase ngithi, “Awu, Bill, uneminyaka engamashumi amahlanu ubudala.” Ngazi kahle kakhulu, ngazalelwa eKentucky lapho bengenalo irekhodi lokuzalwa. Futhi niyazi ukuthi yini uphawu lokuzalwa kwami, irekhodi lokuzalwa eKentucky na? Unyaka lapho isiqu esidala saphephuka phezulu ngale egqumeni, yilokho kuphela ababekwazi.

Bathi, “Wazalwa nini *lowomntwana* na?”

“Isikhathi sokukha utamatisi.”

“Sikhathi *sini* sokukha utamatisi na? Wazalwa nini *lona* na?”

“Isikhathi sokusika ummbila.”

“Sikhathi *sini* sokusika ummbila na?”

⁸² Manje, lelo—lelo kwakuyirekhodi lokuzalwa phezulu ezintabeni zaseKentucky, ngakho angazi ukuthi ngimdala kangakanani, kodwa empeleni, ngi—ngiyikho konke nokuncu kwalokho. Ngakho manje-ke, ngakho manje-ke ngenkathi. . . Yilokho umama angitshele khona, futhi ngicabanga ukuthi ubengasondela impela kokuyikho.

⁸³ Futhi ngakho-ke, ngathi, “Uneminyaka engamashumi amahlanu ubudala, futhi awukayenzeli lutho iNkosi okwamanje. Kungcono usheshise, ngoba kungahle kungabibikho isikhathi esiningi kakhulu esisele.” Ngase ngithi, “O, ngethemba ukuthi ngiyaphila ukuba ngiMbone eza! Ngiyakuzonda ukuba ngumoya.” Ngathi, “A—angifuni ukuphuma lapho, ngakho angikwazi ukuhlangana nabantu.” Ngase ngithi, “Ngi—ngiyayithanda iNkosi.” Futhi—futhi nje ngaleyonkathi. . .

⁸⁴ Usebenza kanjani uMoya, njengoba nganitshela ngobunye ubusuku, lena emsamo yimibono, kodwa mincane, imibono emincane, uzenzela yona wena uqobo, usebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu Asithumela emhlabeni, uMoya oNgcwele. NoMoya oNgcwele usebenza ngomgudu. Bangaki okwaziyo lokho na? Bangaki owaziyo ngisho lapho ukhuluma ngezilimi, nguMoya oNgcwele enza ukunxusela na? Niyabo? Kuwe ophiwe, futhi uhlanzekile ukuze Akhulume ngawe. Awu, khonake Ubeke eBandleni, abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli, kanjalonjalo. Niyabo? Futhi Usebenzisa lowomgudu. Bengingama kanjani lapha, futhi ngilandise, kuze kube sekuseni izinto eyenzekile!

⁸⁵ Manje, futhi ngakho-ke, Into ethize iqala ukukhuluma kimi, futhi yathi, “Qhubeka nje uphikelela.”

Ngase ngithi, “Awu, kade ngiphikelela.”

Futhi Yathi, “Umvuzo usekupheleni kwendlela. Umvuzo usekupheleni kwendlela.”

Ngathi, “Ngiyakholwa ukuthi i . . .” Ngacabanga, “Awume, ngikhuluma noBani na?”

Ngaqalaza, ngathi, “Meda?” Umkami. Ngathi, “Meda, uphapheme na?”

Wathi, “Hhe?”

Ngase ngithi, “Kulungile.”

Futhi lokhu kwaqhubeka, ngiyacabanga, ihora, ngacabanga, “Baba, bekunguWe na? Ngabe bekunguWe lowo ukhuluma nami na?”

⁸⁶ Futhi niyizwile indaba, inyamazane i-opuzamu, nezinhlanzi ezincane, nezinto eyenzekile ezansi e, ngokwemvelo, empilweni, nezinto, yileyo ndlela nje eLiqala ngayo ukukhuluma. Ngokufanayo nje njengoba nizwa iphimbo lami.

⁸⁷ Futhi ngenkathi *indoda* ihamba iza kimi, esikhathini sokuqala lapho ingivakashela isesimweni somuntu, yayingesiwo umbono, yona, ngiyazi ukuthi umbono uyini, *indoda* yama lapho futhi yakhuluma nami. Yathi, yangitshela ukuthi yayithunywe ivela kuNkulunkulu, ukuthi ngangizokhulekela abantu abagulayo, futhi wayezoba . . . Yayingesiwo umbono, yayiy*indoda*. A—angazi ukuthi yayingubani, yavele yathi yayithunywe ivela kuNkulunkulu. Futhi yayimi eduzane njengoba isandla sami sinjalo khona *lapho*. Futhi ngayibheka, ngakhuluma nayo, ngakhuluma, ngaxoxa nayo, khona-ke lokhu kuKhanya kwakulenga phezu kwayo, kwehlela phezu kwayo, kwayiqukula ngezinyawo, futhi yanyamalala emehlweni ami. Futhi konke eyakusho kufezekile impela, impela nje, niyabo, ngakho ngi—ngiyazi ukuthi kuyiqiniso.

⁸⁸ NokuKhanya, izwe lesayense lithathe isithombe saKho. Uma ngifa kulobubusuku, ubufakazi bami buyiqiniso. IBandla liyakwazi emhlabeni jikelele. Izwe lesayense liyakwazi, ngocwaningo ukuthi bathatha isithombe sakho, esithombeni futhi basifaka noGeorge J. Lacy, inhloko ye-FBI, emilobweni yeminwe nencwadi, yezithombe, nezinto. Futhi uyigcine phakathi lapho cishe iviki, futhi wathi, “Ngiyafunga isitatimende ukuthi akusiyo isayense ephathelene nengqondo, ukuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya. UkuKhanya kwakulapho.” Futhi washo lokhu: “Iso lomshini lekhamera ngeke lathatha isayense ephathelene nengqondo.” Wathi, “UkuKhanya kwakulapho.”

⁸⁹ Iphepha nephepha likuthathile. Sibe nakho izikhathi eziningana eJalimane, naseSwitzerland, nakwezinye izindawo lapho bekuthathe khona, ngokwesayense, kulelozwe, kwafakazelwa ukuthi kwakuyi—yi*Nto ethize* engaphezu kwemvelo, njengeNsika yoMlilo yehla futhi iyakwenza.

Niyakubona ukusabela kwakho lapha ebandleni. Kwenza njengoba nje Kwenza ngenkathi Kusemhlabeni enyameni yeNdodana kaNkulunkulu, manje seKusemhlabeni enyameni yamadodana kaNkulunkulu enziwe abantwana, kuhlenganisa iBandla ndawonye ukuba iNdodana kaNkulunkulu ize ithole uMlobokazi. Amen. Kunjalo impela.

⁹⁰ Futhi manje, ngilele lapho, ngaKuzwa kuthi, “Qhubeka uphikelela. Umvuzo usekugcineni.” Futhi nge—ngezwa into ethize yenzeka kimi. Futhi ngalizwa lelculo liculwa, siyalicula ebandleni lethu:

Ngingathanda ukuzwa izinsimbi ezimnandi
zasechwebeni zikhala,
Bekungakhanyisa ukukholwa kwami futhi
bekuyoqeda konke ukwesaba,
Nkosi, mangibuke ngidlule ikhethini
lesikhathi.

⁹¹ Nilizwile, abaningi benu, lelculo elidala elikhazimulayo. Futhi kwakwenza, ngacabanga ukuthi into ethize yayi... Ngangicabanga ukuthi ngangifa, futhi ngabuka emuva, futhi ngangilapho ngilele embhedeni. Ngase ngijika ngalendlela, futhi kwakunjenge—igquma lehla, phambi kwami ngqo, noma ngabe kukuphi.

⁹² Khumbulani, neBhayibheli lami enhliziyweni yami, ngikhuluma iqiniso. Bekungangisiza ngani ukusho lokho uma bekungesilo iqiniso na? Bekuyosiza ngani ukushumayela kwami na? Wonke umhlathshelo wami nokuhlupheka, bekuyoba yini, siza ngani uma ngingumqambimanga na? Niyabo, bekungeke kusize nakancane. Angidingi ukusho lokhu, kodwa ngikusho ukuze kungahle kunisize, ngoba kuyiqiniso.

⁹³ Noma ngabe leyondawo ikuphi, noma ngabe elinye izinga bengingeke nganitshela, kodwa bengindawo ndawo lapho ebengingabheka khona emuva. Futhi wonke umuntu ubelokhu engisola ngokuba ngozonda abesifazane. Angibazondi abesifazane, qhabo, mnumzane, angibazondi. Ngingiyabathanda odadewethu, kodwa angiyithandi indlela abanye balaba besifazane baseMelika besimodeni abagqoka ngayo, futhi baziphathe, futhi babheme, futhi baphuze, nokuqhubeka, kuyihlazo esizweni.

⁹⁴ Ngumbhali wephephandaba wesihlanu omkhulu kunabo bonke, esake saba nabo, yindlela laba besifazane besimodeni abenza ngayo nezinto, lapho bengakwazi ngisho nokukhulisa ingane yabo ngebele, bafanele bayinike ubisi lwenkomazi, izofa ezinyangeni eziyishumi nesishiyagalombili ngenxa yobuthi benikotini. Yebo, mnumzane. Ukhuluma ngomlobi wephephandaba wesihlanu na? Yilokho-ke. Yilokho okwephula umgodla wazo zonke izizwe, ubufazane baso, bekuhlala kunjalo.

⁹⁵ Ngiyabathanda abesifazane bangempela, omama bangempela. UNkulunkulu usinika abangempela kakhulu, omama bakudala, ukuthi, besingeke sibe nobuhlongandlebe bentsha obuningi kangaka ukuba besinomama ahlale ekhaya enakekela abantwanyana bakhe, esikhundleni sokuphuma ndawondawo nephathi yesiphuzo esixutshiwe, nomzanyana omncane ezama ukukunakekela, ndawondawo. Kunjalo. Yilokho okufaka uphoyizeni umqondo wabantwana.

⁹⁶ IMelika ibole ngakho kuze kuyofika emnyombweni, iya ngokuba yimbi ngaso sonke isikhathi, futhi izoqhubeka ibe yimbi kakhulu. Akukho lutho... Nginganikeza iphimbo lami ngokumelene nakho, kodwa kuyaqhubeka, ngoba umBhalo washo njalo. Siyofa ebusheni baso, lesisizwe. Manje khumbulani, eZambulweni 13 ngenkathi kubonakala, njalo kwakungubusha, lokho okuncane, iwundlu elikhuphukayo.

⁹⁷ Manje, ngakho ngangithi ukuba nesihluku kancane ngabesifazane, futhi mhlawumbe lokhu kuthi ukuba kwenziwe ukungibamba phansi kancane nje. Futhi kwenzeka ngabuka, kuza kimi, futhi kwakukhona, kwakubukeka kanjalo, abesifazane abayisigidi. Babebasha, bebukeka sengathi ababe neminyaka engamashumi amabili ubudala, futhi bona, bonke, waye, manje ngiyaxolisa, bodadewethu, ngalokhu kuphawula, kodwa bona, bonke, wayemncane kakhulu, wayenezinwele ezinde zehle kuze kuyofika okhalweni lwabo, begqoke izingubo ezimhlophe, futhi bengafake zicathulo. Futhi babegijima benyukele kimi, futhi bangigaxe, futhi bamemeze kakhulu, "Mfowethu oligugu!"

⁹⁸ Awu manje, ngethemba ukuthi ngifumene umusa emehlweni enu, ukuthi nizongiqonda, lalela udokotela wakho, ngingumfowenu. Angikhathali, ngenkathi ngise—ngenkathi ngiseyisoni, ngangiphila ngeqiniso ngaleyondlela, ngoba iNgelosi eyahlangana nami, yathi, "Ungalokothi ubheme, uphuze, noma ungcolise umzimba wakho noma ngayiphi indlela," lokho kwakungukuphila okungenasimilo. UNkulunkulu eZulwini uyazi ukuthi ngiphila lokho. Kodwa akukho-ndoda, e—enegazi elibomvu futhi ephilile ukuthi owesifazane angayigaxa, angiqondile ukuthi indoda ibiyoba nephutha, noma icabange okungalungile, kodwa bekuyoba khona umuzwa womuntu, kodwa kuleyondawo, kwakungenjalo, kwakungudade ngempela. Futhi bona...

⁹⁹ Nga—ngabheka, ngase ngithi... Angikwazi ukuchaza ukuthi kwakuyini, kwakungekho izolo, kungekho kusasa, kwakuyi*manje*. Abazange bakhathale, nokho babekwazi ukuxhawula, babekwazi ukukhuluma, babenomzimba futhi njengoba nje babelapha, kuphela bebasha. Futhi ngathi, "Angikuqondi lokhu."

NaleloPhimbo elalingaphezu kwami lathi, “Lokhu kufana, into efana noJakobe, ngenkathi esebuthene nabantu bakubo.”

¹⁰⁰ Ngaleyonkathi nje ngabuka, futhi kwakuza abesilisa, o, ngequlu, njengezigidi zabo nje. Futhi babegijima, bengigaxa, futhi bememeza kakhulu, “Mfowethu oligugu!”

¹⁰¹ Futhi he...Niyazi ngake ngashada ngaphambilini, nomkami washona ngenkathi...lowo ngumama kaBilly, futhi yingalesosizathu uBilly nami sinamathelana ndawonye. Ngi... Wafa lapho enezinyanga eziyishumi nesishiyagalombili ubudala, nodadewabo omncane enezinyanga eziyisishiyagalombili ubudala, washona nomama, futhi bengingubaba nomama, kokubili, kuBilly. Futhi ngibone uHope eza, esebenza indlela yakhe edabula esixukwini, futhi ngacabanga, “Impela uzongibiza ngomyeni wakhe.”

¹⁰² Futhi ngenkathi esondela kimi, yena, ngangimbona, mayibusiswe inhliziyo yakhe, amehlo amnyama, intombazane yaseJalimane, niyazi, nezinwele ezimnyama, wangigaxa, wayesethi, “Mfowethu othandekayo.”

Ngacabanga, “Angikuqondi lokhu.”

Futhi kwakukhona omunye wesifazane nje, intombazane lapho, eyangigaxa, yase ithi, “Mfowethu oligugu.”

Futhi wagona lona wesifazane, wathi, “Kucabange, ekugcineni usefikile kanye nathi!”

Nalamadoda, angiqukula angihlalisa phezu kwendawo encane *kanje*, athi...Ngathi, “Kungani kulokhu na?”

Athi, “Emhlabeni wawungumholi.” Futhi athi...

Ngathi, “Angikuqondi.”

¹⁰³ Futhi nje ngaleyonkathi, leliPhimbo lakhuluma futhi, lase lithi, “Lokhu kungenkathi ubuthana nabantu bakho.”

Ngathi, “Lapho ngifa, usho ukuthi lokhu yilokho engiyoba yikho na?”

“Yebo.”

Ngathi, “O, ngake ngakwesabelani lokhu na? Lokhu kuyamangalisa!”

¹⁰⁴ O, he, nje, *ukuphelela*, lokho ngeke kufinyelele kukho, *okuhle kakhulu*, bekungeke kufinyelele kukho, akukho-gama olimini lwesiNgisi eliyofinyelela kukho. UNkulunkulu uyazi ukuthi ngikusho lokhu ngokusuka enhliziyweni yami, kwenzeka.

¹⁰⁵ Futhi ngangijika njalo emva kwesikhashana, futhi ngibuke emuva, futhi ngangilapho ngilele embhedeni. Kwakungekude kakhulu.

¹⁰⁶ Manje, ngizwile, selokhu kade ngikuxoxa, kunendoda ethiwa uDokotela Price eyayineshlakalo esifanayo njengaleso, futhi sisencwadini. Futhi uma noma ubani enaleyoncwadi,

ngingathanda ngempela ukuyifunda, ngoba ngifuna ukwazi okuthize ngakho. Ngakho manje-ke, wayeyindoda eyakhulekela abagulayo, eminyakeni eyedlula, ngaphambi kosuku lwami.

¹⁰⁷ Ngase-ke ngibheka futhi, Lase lithi-ke, “Lokhu kungenkathi ubuthana nabantu bakho.”

Ngathi, “Bonke laba bangoBranham na?”

Lathi, “Qhabo, bangabaphendukile bakho.”

Ngathi, “Abaphendukile na?”

Lathi, “Uyambona lowo wesifazane, obukade umncoma nje, okugaxile, wayesethi, ‘Mfowethu othandekayo?’”

Ngathi, “Yebo.”

¹⁰⁸ Lathi, “Wayesedlule emashumini ayisishiyagalolunye ngenkathi umholela kuKristu.” Lathi, “Akumangalisi ememeza, ‘Mfowethu othandekayo.’” Lathi, “Akasophinde aguge, akasoze adabuke, uyoba ngaleyondlela kuze kube phakade.”

¹⁰⁹ Ngacabanga, “O, uma nje bengingaphinde ngikuphile futhi, bengiyokhala, bengiyokhuleka, bengiyoncenga, bengiyo—bengiyokwenza yonke into, ukuba bengifanele ngifuqe ngingene, bengiyothola wonke umuntu ukuba angene kuleyondawo. O, he, ukuba abantu bebengaqonda kuphela ukuthi kuyini!”

¹¹⁰ Futhi ngaqhubeka ngaleyondlela imizuzwana embalwa, futhi nje ngaleyonkathi (Omunye, ngenkathi ngikhuluma lokhu cishe emavikini embalwa edlule, omunye wathi ukwenza ukukhanya okuncane kwakho.), ngabuka... Futhi nganginenja endala, yayivamise ukungifundisa esikoleni, isiza ukondla umndeni. Ngazingela yonke impilo yami, lenja endala yayingibambela ama-opuzamu, izinyamazane ezifana negqalashu, amaqqa, nakho konke. Futhi ngangizingela bese kuthi-ke ngiyo—ngiyothengisa lezi zikhumba, futhi ngangithola izingubo zesikole, futhi ngisize ngondle umndeni wabantwana abayishumi.

¹¹¹ Futhi ngakho, iphoyisa layidlisa ushevu ngenkathi sithuthela ezansi nedolobha. O, ngenkathi ngimbambatha ithuna layo, ngathi, “Fritz, uma kukhona iZulu lezinja, uyoba lapho. Futhi ngiyalikhumbula ihhashi lami elincane, uPrince, ukuthi ngangivame ukuligibela kanjani lapho ngiyozingela, ngigijimisa izicupho zami nezinto, futhi wayekade eqhubekile. Futhi ngenkathi ngibuka, kuza ezansi ngaphesheya kwegquma, futhi nakhu kwafika, uFritz. Ngiyalubona lololwimi luphuma, wenyuka wayesengikhotha esandleni kanjalo. Nakhu kuza uPrince omdala, ekhalela phansi, ubeka okwakhe... .

¹¹² Omunye wathi, “Akukho-zilwane eZulwini.”

¹¹³ Yilokho nje kuphela okwaziyo ngeBhayibheli. Aphi lawomahhashi ehlayo, akhuphula u-Eliza na? Lippi lelohashi iNdodana kaNkulunkulu eza iligibele, ihhashi elihlaselayo

elimhlophe, licwiliswe eGazini na? Kuyodla nini impisi newundlu ndawonye, ne—nenkabi nengonyama kudla utshani ndawonye na? Kuyoba kuphi lokho, niyabo, uma zikhona, ayikho na? Impela, zilapho. UNkulunkulu akalahlakelwa yilutho. Impela, ziyoba lapho.

114 Kwase kuthi-ke, kwenzeka thina...Ngaqaphela, futhi wangikhotha esandleni. Ngathi, “Uma sengihambile, uma leli kuyiParadesi, lapho engilindele khona iNkazimulo, ngifuna ukubona iNkosi uJesu.”

NaleloPhimbo lathi, “Kodwa angeke waMbona manje, Uphakeme ngokwedlulele. Ngelinye ilanga Uyobuya.”

115 Bese kuthi-ke lababefundisi, nabantu bonke bemi bezungezile, ngiqala ukubaqonda-ke, emva kokuba ngibone ukuthi babengabami abaphendukile babantu engangibazi empilweni. Babesebasha, ngangingabazi ngaleyonkathi, niyabo, babebuyele ezinsizweni nasezintombini.

116 “O,” ngathi, “nango umfowethu nodadewethu!” Nga—ngangijabule kakhulu nje, a—angikaze ngijabule kangaka empilweni yami. Futhi ngathi, “Ukuba nje ngangikwazi lokhu ngaphambilini!” Futhi nga—ngaqalaza, ngase ngithi, “Uqonde ukuthi Uyoza kimi na?”

Lathi, “Uyoza kuwe, futhi Uzokubuza ngeVangeli olishumayelayo, ngoba wazalwa ungumholi.”

Kwase kuthi-ke, ngase ngithi, “Awu, ngabe uPawulu uzofanele ame ekwahlulelweni okufanayo ngakuYe na?”

“Impela.”

Ngathi, “Khona-ke uma uPawulu ephumelela, ngizophumelela, nami, ngoba ngashumayela into efanayo ayishumayela, ngaphandle kokuxegisa eZwini elilodwa.”

117 Futhi bonke labobantu bamemeza kakhulu, “Siphumule ngokuqiniseka kulokho!” Bathi, “Khona-ke sizobuyela emhlabeni futhi semukele umzimba okhazimulisiweyo, futhi siphile ndawonye kuze kube phakade kulesisimo.”

118 Niyabo, yonke into eBhayibhelini isebuthathwini, niyakwazi lokho. Ngathi, ngolunye usuku nisebuthathwini: umphefumulo, umzimba, nomoya. Nihlala ebuthathwini: ikhishi, ngumbi lokuhlala, igumbi lokulala. Ungahle ube namakamelo ayisishiyagalombili noma ayishumi ehlukene, kodwa, amakamelo okulala, futhi ushiye *lokhu*, kodwa uhlala emakamelweni amathathu kuphela. UNkulunkulu, uYise, iNdodana, noMoya oNgwele ebuthathwini.

119 Futhi sithola ukuthi ukufika kukaKristu kusebuthathwini: Wafika kuqala ukuhlenga uMlobokazi waKhe, ufika ngokulandelayo ukwemukela uMlobokazi waKhe, ufika ngokulandelayo noMlobokazi waKhe, njengeNkosi neNdlovukazi, ukubusa isikhathi seminyaka eyiNkulungwane,

niyakwazi lokho. Yonke into isebuthathwini. Futhi sisebuthathwini: sinomzimba ofayo, umzimba okhazimulisiweyo, noma, ngiqonde, umzimba wasezulwini, bese-ke kuba ngumzimba okhazimulisiweyo. Izigaba ezintathu zisibuyisela ekupheleleni kwethu futhi, njengase-Edene.

¹²⁰ Ngase ngithi-ke, “Awu, ngiqinisekile ngalokho.”

Futhi nje ngaleyonkathi, iPhimbo lathi, “Konke lokho owake wakuthanda, nakho konke lokho okwake kwakuthanda, uNkulunkulu ukuphe khona.”

¹²¹ Futhi ngezwa into ethize yenzeka kimi, ngathi, “Impela, angidingi ukubuyela emuva!” Futhi ngakuzwa kusondela kakhudlwana, ngase ngiphenduka ngase ngibuka emuva emzimbeni wami, futhi ngizibone nginyakaza embhedeni, emizuzwini embalwa ngasengibuyelile.

¹²² Mfowethu, dadewethu, lokho kwenze okuthile kimi. Ngiyaqonda manje ukuthi uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo eselivele lilindle, umzimba ulindle. Futhi lokho, ngiyacabanga manje, ukuvumelana nalokho u-Abrahama noSara ababekwemukele, lolohlobo lomzimba, ukuphawula nje noma okubili, bese-ke kuya kuvuthondaba lomlayezo wami, khona-ke sizoqala umugqa womkhuleko.

¹²³ UNkulunkulu wayekhombisile kuSara no-Abrahama lapha, khona impela Ayezokwenza kuyo yonke iNzalo ka-Abrahama noSara. Yonke iNzalo ka-Abrahama ifanele ibe ngaleyondlela. Futhi lapha emhlabeni, Wababuyisela ekubeni yinsizwa nentombi.

¹²⁴ Futhi ngayixoxa leyondaba ngokusondele impela nje njengoba ngazi ukuthi kwenzeka kanjani. Futhi mina, kwaku...Angi...Unga...Ake sikubize ngombono, ngoba uma bengingasho ukuthi kwakungukuguqulwa okuncane lapho...uma kwakungumbono angikaze ngibe nanoma yini efana nawo. Manje, angizami ukulingisa uPawulu oNgcwele omkhulu, ngoba angi...Ngibona okuningi kakhulu kwalokho empilweni yami, ukuqhathanisa kwenyama. Kodwa ake sithi kwakungukuguqulwa okuncane, ngaya eZulwini lokuqala, futhi uma bona, kungaleyondlela eZulwini lokuqala, uPawulu wabonani ngenkathi eya kwelesithathu na? He! Akumangalisi athi, “Iso alikubonanga, nendlebe ayikuzwanga.” Uma lokho kuyinkazimulo kuleliZulu lapha, lapho uyongena eZulwini lesithathu kufanele ukuthi lowo mfowethu uboneni na?

¹²⁵ Manje, manje, masinya emva kwalokho, emva kokuba sebuyile, uNkulunkulu wabavuselela kabusha, Wabenza insizwa nentombi, Waqala kabusha, bobabili base bevundile ngalesosikhathi. Base-ke bezala umfana omncane, owayebizwa ngo-Isaka. U-Abrahama wamsoka ngosuku lwesishiyagalombili futhi waba nedili, futhi, ngenkathi behlukahlukane, kanjalonjalo. Bese kuthi-ke, sithola ukuthi ukhula aze afike eminyakeni

ethi ayibe, ake sibone, cishe iminyaka eyishumi nambili ubudala, omuhle nje, umfana omncane oyiJuda onezimnyama, izinwele ezisongekile, namancane, amehlo amnyama. Futhi kufanele ukuthi lowobaba nomama wayemphatha kahle kanjani lowomfana omncane!

¹²⁶ Futhi ngobunye ubusuku, iNkosi yavusa u-Abrahama, futhi Yathi, “Abrahama.” Manje, ake ngime lapho nje, Yabiza u-Abrahama, kodwa ngifuna ukusho lokhu, lokhu akusiwo umBhalo, kodwa impela kuzohlangana nomBhalo, “Abrahama, Ngifuna ukukhombisa iNzalo yakho kusukela emva kwalokhu, ukuthi umuntu uzokwenzani lapho eNgithemba ngempela. Ngiyazi ngakwethembisa lomfana eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu edlule, futhi awungabazanga ngokungakholwa ngesithembiso saMi, kodwa wasikholwa.

¹²⁷ “Manje, Ngifuna ukwenza abantu ezansi eYakima, nezindawo ezehlukene, lapho leliVangeli lizoshunyayelwa khona, bazi ukuthi Ngiyaligcina iZwi laMi. Ngizoninika ukuhlolwa okuphindwe kabili uku—ukukhombisa ukuthi abantu abemukela iZwi laMi, akunandaba ukuthi kufikani noma kuhambani, bafanele babambelele eZwini laMi.

¹²⁸ “Manje, Ngikunika lendodana, manje Ngifuna uthathe leyondodana phezulu esiqongweni sentaba ethize eNgizokutshela yona. Ngizokwenza ngawe, ngenzalo yakho lapha, isizwe esinamandla ngalomfana, futhi Ngizokwenza, futhi, zonke izizwe zomhlaba, uzoba nguyise wezizwe eziningi. Futhi manje, Ngifuna uthathe okuyilona kuphela ithemba onalo lokuthi Ngigcine isithembiso saMi kuwe sokuba nguyise wezizwe, Ngifuna umenyusele esiqongweni sentaba futhi umbulale. Bhubhisa yonke into enikeza ubufakazi obubonakalayo ukuthi uzoba nayo.”

¹²⁹ O, ngethemba ukuthi niyakuthola lokho! Khona-ke kusobala, u-Abrahama omdala bandla, wayengafuni ukuvusa uSara futhi amtshela ngakho, ngakho wavuka kusesekuseni, wayesethatha umfana omncane, nezinceku ezimbili, nomnyuzi omncane, futhi wacanda izinkuni wayesezifaka esakeni, noma okuthize, wayesesuka eyongena ehlane.

¹³⁰ Manje, noma yimuphi umuntu ojwayelekile... Ngenkathi ngiqaphile iminyaka eyisikhombisa, ngangifanele ngihambe ngokwesilinganiso amamayela angamashumi amathathu nambili ngosuku ngidabule ehlane, futhi sinezinyawo zikapetroli ngalezizinsuku, lawomadoda ayedingeka ahambe nomaphi lapho ayehamba khona. Umuntu ojwayelekile, ubefanele, asithi, ubefanele ahambe amamayela angamashumi amabili nanhlanu ngosuku... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹³¹ ...buka izinto ongaziboni ngeso lakho. Awuboni ngeso lakho empeleni, ubona ngenhliziyo yakho, ubuka ngeso

lakho. Ngakho, ngimi kulowomnyango wokukholwa. . . Bukani ukuthi uJesu wathini, lapha, ake ngifunde lapha, “Ngokuba uthi ngicebile, futhi ngifuyile,” bukani amabandla ethu, sasivame ukuba sezansi emhubheni, sasivame ukuba sekhoneni nesigujana itamborini, kodwa manje sinezinye zezakhiwo ezedlula zonke esikhona ezweni, ngezinye izikhathi, ezinye zezifundiswa ezinkulu eziphucuke ukwedlula zonke epulpiti, “ngoba wena uthi ngicebile, ngifuyile, kangisweli lutho; kanti kawazi ukuthi ungompofu, olusizi, uhambaze, uphuphuthekile, kanti kawazi.”

¹³² Manje, uma ngibone indoda emgwaqeni eyayimpofu, futhi yayingagqoke ngisho nezingubo zokugqoka, futhi yayiyimpumpothe, futhi uma bengingaya kuyo futhi ngikhulume nayo ngakho, futhi ngithi, “Mnumzane, uyaqonda ukuthi uhambaze na?”

“O, angigqokile, mnumzane na?”

“Yebo, ngena lapha, ngizokunika izingubo zokugqoka.”

¹³³ Kodwa uma leyondoda ihambaze, ilusizi, impofu, futhi iyimpumpothe, futhi ingakwazi na? Lowo ngumuntu onobuhlongandlebe, lokho ngukusilela kwengqondo. Nebandla selibe ngukusilela ngokomoya. Abaqondi ukuthi uNkulunkulu unyakazisa sonke isiphiwo phambi kwebandla, futhi abakuqondi; baphuphuthekile, futhi abakwazi. Cabanga ngakho, ohamba-ze, umuntu ohamba-ze, umuntu oyimpumpothe, ompofu, nowokuhawukelwa, nolusizi, futhi ingakwazi, lokho kuyadabukisa. NoJesu wathi ibandla liyoba ngaleyondlela kulonyaka waseLawodikeya, futhi lilapha.

¹³⁴ “Ngingu *s'bani-bani*, ngingowalelihlelo, ngilunge njengawe.”

¹³⁵ Kodwa, mfowethu, Wathi, “Ngilulekeni, futhi nithenge izingubo ezimhlophe.” Izingubo ezimhlophe eBhayibhelini zibizwa ngokulunga kwabangwele. “Uthenge kiMi izingubo ezimhlophe, uthenge kiMi igolide elihlanzwe ngomlilo,” umlilo waseKalvari. “Uthenge kiMi iGolide,” amaFutha angcwele kaNkulunkulu athululwayo, thenga lolohlobo lweGolide, thenga ukulunga kwabangwele, ukuze ucashe.

¹³⁶ Futhi manje bukani, “Futhi uthenge kiMi uMuthi wokugcoba amehlo akho.” O, he! “Thenga uMuthi wokugcoba amehlo kiMi ozovula amehlo akho,” kulokho okwenzekayo okusizungezile. O Nkulunkulu, ngifisa sengathi benginendlela ethize ebengingathola ngayo iBandla ukuba likubone. Thenga uMuthi wokugcoba amehlo! UMuthi wokugcoba amehlo ungamafutha aqinile; namaFutha nguMoya oNgcwele. “Ake Ngigcobe amehlo akho ukuze ubone ukuthi Nginguye izolo, namuhla, naphakade, ake ubone ukuthi izithembiso eNgazenza zezinsuku zokugcina, silapha. Thenga kiMi uMuthi wokugcoba amehlo.”

¹³⁷ Sasiyizinganyana, sakhuliswa sihlupheka kakhulu, umkhulu wami wayengumzingeli, umzingeli odumile, owaziwa ezweni lonke ngokuzingela. Futhi lapho isimo sezulu siba sibi, wayevamise ukucupha, futhi lapho ecupha wayevamise ukucupha izilwane ezinoboya. Futhi wayenezinja, futhi wabamba izinyamazane ezifana namagqalashu, inyamazane efana negqalashu, ngiqagele ninawo lapha eWashington, izinyamazane ezifana namagqalashu. Futhi wayevame ukuthatha lezo zinyamazane ezifana namagqalashu, futhi sasidla inyama, sithengise isikhumba, sasingamoshi lutho.

¹³⁸ Futhi ugrisi wawuyiselapha-konke lakho konke endlini yethu. Ubuyoba nenkomishi egcwele ugrisi wenyamazane efana negqalashu, uma omunye wabantwanyana egula, uqathaze amaconsi athi awabe mabili ethapentini kulo ngenxa yomkhuhlane omubi, bese eyigwinya. Angazi ukuthi sasiphila kanjani, kodwa sakwenza. Kodwa kwakuyiselapha-konke, uma omunye ethola ukulimala, babefaka ugrisi wenyamazane efana negqalashu, ukuphathwa yikhanda, babelikhila ugrisi wenyamazane efana negqalashu ekhanda lakho.

¹³⁹ Futhi sasidingeka silale esitezi esiphezulu, kwakuyindlu encane, enamakamelo amabili lowomama, nobaba, nabahlanu bethu bantwana, ngaphambi kokuba kufike abanye. Sasilala esitezi esiphezulu, abafana. Ubaba nomama, kwakungekho phansi nhlobo kuyo, iphansi eliwubhuqu, kwakunqunywe isiqu sesihlala kube itafula, bese kuthi-ke bona, ekamelweni lapho, babeno—nombhede owakhiwe nge... utshani obomile kuwo, nomqamelo wekhoba. Ubabayi wayevame ukuba nebhulashi lokushefa elenziwe ngamakhoba. Sasiphezulu le ezintabeni.

¹⁴⁰ Ugogo wami washona eneminyaka eyikhulu neshumi ubudala, futhi akakaze asibone isitimela empilweni yakhe, ubone imoto eyodwa kuphela, futhi ngayikhuphulela lapho, futhi kungithathe usuku lonke ukuhamba amamayela amane, ngifaka amadwala emfudlaneni ukuze ngikwazi ukuyikhuphulela lapho, bonke omakhelwane bemi qekelele, abakaze bayibone into enjalo empilweni yabo. ngenkathi ngenyusa leChevrolet encane ka '26 kulezo zintaba, ngabhajwa ezansi lapho, ngase ngicela indoda ukuthi yayingalithatha yini ihhashi layo, yayilima, yathi, "Thashi lami lensikazi, uma ulisondeza lapho, beliyodabula leyonto ibe yizicucu, alikaze libone noma yini enjalo."

¹⁴¹ Ngakho, sasimpofu. Futhi khona-ke sasinqume izithombo ezithi azibe zimbili, futhi yayinesitezi esiphezulu ngenkathi umndeni uthi ukuba mkhulu, indawo ephezulu, imifantu emikhulu ezingodweni lapho imboshana, udaka lwaluwile, amapulangwe amadala amangathayilzi afakwa ekukhanyeni kwenyanga, ayephenduka. Ulale lapho ngesikhathi sasebusuku... NoMama wayebeka okunofonofu okwakhiwe ngamaqubu phezu kwethu ngesikhathi sasebusika, bese kuthi-

ke wayebeka onke amabhantshi amadala, nezinto esasinazo, bese-ke kuba ucezu lukaseyili, lapho uma lina, besiyovele nje sigwace phansi kwalowoseyili njengonogwaja, uma linile noma likhithikile. Futhi wawungalala lapho futhi ubale izinkanyezi noma ngasiphi isikhathi.

¹⁴² Bese kuthi-ke kuqubuke ilumbo lomkhuhlane, futhi uma singangenanga ngaphansi kwalowoseyili, besizogodola emehlweni ethu. Futhi bekuyo. . . Umama wayekubiza *ngobhici*, angazi ukuthi kuyini, kodwa kuyohlanganisa amehlo ethu ndawonye. Futhi ngangifanele ngivuke ekuseni, ngibase umlilo, ngehlele lezizithombo ezimbili ezinezinti zivundle kuzo, futhi ngibase umlilo esitofini esidala esiyisingqamu.

¹⁴³ Futhi ngakho-ke, uMama wayengibiza ekuseni, futhi wayethi, “Billy!” Mayibusiswe inhliziyi yakhe encane.

Bengiyothi, “Yebo, Mama?”

Uyothi, “Yehla, sekungelesine nqo. Uyihlo uzofanele ahambe.”

¹⁴⁴ Futhi ngangizama ukuvuka, mina nomfowethu, futhi amehlo ethu ayegcwele ubhici, onke ehlangene ndawonye, amakhaza akwenzile. Ngiyothi, “Mama, angikwazi ukubona.”

“Biza u-Edward, umfowenu.”

Bengiyothi, “Naye akakwazi ukubona, Mama, amehlo akhe anamathelene.”

¹⁴⁵ Umama wayephuma aye esitofini esiyisitebhisini esincane ekhishini, sihlezi phezu kwezinqamu, futhi wayebasa umlilo, futhi aye ngale bese ethatha ikani likagrisi wenyamazane efana negqalashu, alibeke esitofini futhi alishisise. Uyokhuphukela lapho futhi asihlikihle amehlo ethu ngalowogrisi wenyamazane efana negqalashu. Kwasebenza kahle, sakwazi ukubona emva kokuba esegcobe amehlo ethu ngamafutha enyamazane efana negqalashu.

¹⁴⁶ Mfowethu, sibe nenqwaba yesomiso sokomoya, inqwaba yokubanda kushaye ibandla, kuzothatha okungaphezu kukagrisi wenyamazane efana negqalashu ukuvula amehlo ethu, kuzothatha uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, uMuthi waKhe wokugcoba amehlo ukuvula amehlo. Sibe nesayense yezenkolo eningi kakhulu, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjengokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, kungukufunda ingqondo kuphela. Ungezwa lutho ngakho. Ungabi nakho edolobheni lakini. Bayilokhu, lokho, okunye.” Kuyothatha okungaphezu kukagrisi wenyamazane efana negqalashu ukuvula amehlo ethu, lowo obenalolohlobo lesomiso ukukushaya.

¹⁴⁷ Kodwa uNkulunkulu unoGrisi oyokwenza, yebo, mnumzana, Uyokwenza. Khona-ke uma uvula amehlo akho, uyoba njengeGehazi wayeno-Elisha eDothani. Niyakhumbula

ngalobobusuku umprofethi omdala wehlela lapho futhi walala na? Nempi yamaSiriya iza ngapha futhi yazungeza umuzi wonke. Futhi uGehazi wavuka ngenxa, inceku yakhe, wabuka phandle futhi kwakukhona macala onke nje emzini kwakungelutho ngaphandle kwamabutho, izikhali. Futhi nakho kwakulele omdala onempandla, umprofethi onobuhwanqa obude elele lapho elele, wamshukumisa wayesethi, “Baba wami, baba wami, vuka masinyane! Sizungeziwe, sivinjezelwe!”

148 Sengiyambona umprofethi omdala esukuma, amehlo akhe ayevulekile, wasukuma wayeseqalaza, “Ya, ngiyababona, kodwa baningi abanathi kunalabo abanabo.” Banningi abanathi kunoma kukhona abagxeki.

Waqalaza, futhi uGehazi wayesalokhu, edinga ukuhlikihlwa emehlweni akhe, wathi, “Angiboni lutho ngaphandle kwamaSiriya.”

149 Umprofethi omdala welula isandla sakhe, wabeka izandla zakhe phezu kwakhe, nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, niyazi, namehlo akhe avuleka, wathi, “Nkosi, amehlo alomuntu mawavuleke, ukuze abone.”

150 NoNkulunkulu wavula amehlo akhe, futhi ngakulowomprofethi omdala, macala onke ezintabeni kwakuyizingqola zoMlilo, neziNgelosi zoMlilo; amehlo akhe ayevulekile.

151 Besingavula amehlo ethu kuphela ukuba sibone kulentambama, kuhlezi kuzungezile, kumi kuzungezile, kwehla kwenyuka ezikhaleni zezihlalo, iziNgelosi zikaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, haleluya, kuhambahamba kudabula ezethamelini, ubuyobona baningi abanathi kunoma ekhona onabo.

152 Nkulunkulu vula amehlo ethu, vula izinhliziyiyo zethu, vula yonke iminyango ezinhliziyweni zethu. Wathi, “Ngimi ngingqongqotha, uma noma yimuphi umuntu eyozwa iPhimbo laMi, futhi avule, Ngizongena, futhi ngidle naye.”

153 Ake sibuyele emuva kancanyana, eminyakeni ethile engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, sizovala, asizibeke egumbini elincane emgwaqeni oQondile oholelayo, oholeleka phezulu ngaseGolgotha. Futhi ngizwa uMuntu othize ozayo, kuzwakala njengokungqongqotha emnyango, *bhampu*, *bhampu*, *bhampu*, sengathi kukhona ongqongqothayo emnyango. Siya emnyango bese sivula umnyango. Akukho-muntu ngempela emnyango, kodwa nokho kungukungqongqotha, kodwa yisiphambano esidala esimahhadlahhadla sehla ematsheni agandayiwe, sihuduleka sisusa imilobo yezinyawo ezinegazi zoMthwali, *bhampu*, *bhampu*, *bhampu*.

154 O, bekufanele kwehle kude le namhlanje, futhi ubufanele ukuzwe. Ehlombe laKhe sasihlikihla, *bhampu*, *bhampu*.

Kubukeka sengathi noma ubani ubengavula umnyango kulokho, uMuntu efa owayengazi-sono, nokho wenziwa isono ngenxa yethu, enza indlela kulokho kubhamba. O Nkulunkulu, makuthi lokho kubhamba kuvule yonke inhliziyi phakathi lapha, kulentambama. *Bhampu, bhampu*, lapho sihamba, Mbuke.

¹⁵⁵ Bangitshela ukuthi Wayengenandawo yokucamelisa ikhanda laKhe. Wathi, “Izimpungushe zinemigodi,” indalo yaKhe, “izinyoni zaKhe zinezidleke, kodwa Yena, uMdali wamaZulu nomhlaba, wayengenandawo yokucamelisa ikhanda laKhe, noma umngane ukuba ame ngakuYe.”

¹⁵⁶ Awukuzwa lokho kungqongqotha emnyango kulentambama na? [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.] Wayekwenza lokho ukuze lelobhampi lishaye umnyango wenhliziyi yakho uvuleke kulentambama, ukuMngenisa njengoNkulunkulu, nanjengoMsindisi, njengoMphulukisi, njengeNkosi.

¹⁵⁷ Wayenengubo eyodwa. Wayesongwe ngembeleko ngenkathi Ezalwa, lokho yindwangu yokusonga esuka ngemuva kwejoka lenkabi, wayengenazingubo zokuba Agqokiswe zona. Futhi manje Uyafa enengubo eyodwa eGameni laKhe, nokho Wenza zonke izingubo, wenza amaZulu nomhlaba. Ayinamthungo kuyo, bayiphosa emahlombe aKhe. Ngियाqaphela ukuthi kukhona amabala abomvu kuyo. Njengoba ngiqaphelile lokho kubhamba kufiphala, ngabe ngizokuyeka kudlule ngaphandle kokukwemukela na?

¹⁵⁸ O Nkulunkulu, kwangathi umhlangano ungevale uze ukwemukele, wazi ukuthi Uyabhamba enhliziyweni yakho. Wafa ukuze Abuyele lapha esimweni sikaMoya oNgcwele futhi enze izinto Akade ekwenzela zona. Vula inhliziyi yakho, Mkholwe.

¹⁵⁹ Ngियाqaphela lapho Ehamba phezu kwalezo ezincanyana, amabala abomvu aya ngokuba makhulu ngokuba makhulu, lize lingene kulo lonke ibala elilodwa elikhulu.

¹⁶⁰ USathane wayehamba ngalapho, wathi, “Ngeke kwaba nguYe! Lowo ngeke kwaba nguNkulunkulu. NgaMbuza ngoluny’usuku ngase ngithi, ‘Uma UyiNdodana kaNkulunkulu yenza isimangaliso futhi mangiKubone usenza.’”

¹⁶¹ Lowodeveli usawuphendula lowombuzo, noma, uyawubuza. “Uma Unamandla okuphulukisa, ake ngikubone uphulukisa lona.”

¹⁶² UJesu wathi, “Kulotshiwe!”

¹⁶³ “Ngase-ke ngimthola ngasemabuthweni,” uSathane wathi, “ngithole amabutho ami amaRoma edakwe uhhafu, ngazungelezisa indwangu ekhanda lakhe, ngamboza amehlo akhe, ngoba, niyazi, wathi wayekwazi ukubona imicabango yabo, wayengeke adingeke ukuba avule amehlo akhe khona-

ke. Futhi ngazungelezisa indwangu ekhanda lakhe, ngenza amasosha ami ukuba, futhi ngathola, ngawenzisa ukuba athathe induku futhi amhlakaze phezu kwekhanda, athi, 'Sitshele ukuthi ubani okushayile, uma ungumprofethi.' Wayengumgunyathi, wayengeke asitshele.

¹⁶⁴ "Kwase kuthi-ke, ngenza lawomasosha adakiwe ukuba amkhafulele ebusweni. Futhi lowo kungaba nguNkulunkulu kuleyonyama, eya lapho nezigaxa zezikhwehlela zilenga ebusweni bakhe, umqhele wokubhuqa ekhanda lakhe na? Futhi ngambuza, futhi ngamphosela inselelo ukuba enze okuthile, futhi akazange awuvule umlomo wakhe, lowo ngeke kwaba nguNkulunkulu."

¹⁶⁵ Ngakho ngenkathi beMlengisa esiphambanweni, wathi, "Kulungile kufa, woza, mthathe, akasuye uNkulunkulu." Ngibona leyonyosi yokufa ikhuphuka ibhuza izungeza. Wathi, "Qhabo, lowo akusuye uNkulunkulu, uNkulunkulu wayengeke adazuluke esiphambanweni ecela umusa, uNkulunkulu ubengeke akwenze lokho."

¹⁶⁶ Umpristi omkhulu wathi, "Wasindisa abanye, kodwa yena uqobo, akakwazi ukuzisindisa."

¹⁶⁷ Ukuncoma okukhulu kunakho konke abake baMnika khona. Uma Azisindisa Yena uqobo Ubengeke asindise abanye. Kodwa Wazinikela Yena uqobo ukuze ngisindiswe, nokuthi ningasindiswa.

¹⁶⁸ Emva kwesikhashana, leyonyosi yafinyelela phansi nodosi lwayo futhi yaMtinyela. Noma ubani uyazi ukuthi inyosi, noma yisiphi isinambuzane esinesitinyeli, uma ike yatinyela yajula, ngeke isaphinde itinyele, ngoba ikhipha udosi lwayo. Ukufa kwafaka kwazikisa udosi lwakho enyameni engesiyo ngalesosikhathi, Yadonsa udosi lwaphuma. Manje ukufa kungenza umsindo obhuzayo, kodwa a—akusakwazi ukutinyela.

¹⁶⁹ Omunye wabo owavula umnyango, wathi, "Kufa luphi udosi lwakho na? Thuna kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu, Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu."

¹⁷⁰ Ukufa kungabhuza futhi kwenze sengathi kuzotinyela, kodwa ngeke kwatinyela inhliziyo lapho yonke iminyango ivuliwe, neNdodana kaNkulunkulu iyaphila futhi ibusa enhliziyweni. AniYifuni kweyenu kulentambama, ngenkathi ukubhamba kwesiphambano kusaqhubeka na? Lowo nguYe omile, ethi, "Ngimi emnyango, onyakeni waseLawodikeya futhi ngingqongqotha, futhi uma noma yimuphi umuntu ezwa iPhimbo laMi, futhi avule, Ngiyongena futhi ngidle."

¹⁷¹ Uzodla naYe na? UzoMenza iNkosi na? UzoMvumela abuse impilo yakho na? UzoMvumela akuhole futhi akuqondise na? Uma kuphambene nemicabango yakho, u—udela imicabango yakho, "Mawube kini umqondo kaKristu." Nizokwenza,

sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje ngezwi lomkhuleko na?

¹⁷² “Ngimi ngingqongqotha.” Bukani ukuthi Wakwenzelani, ukubhampa kwesiphambano. “Uma noma yimuphi umuntu ezwa iPhimbo laMi, futhi eyovula, Ngiyongena. Futhi makaNgihlalise phansi, futhi aNginike isihlalo, futhi aNgenze ngizizwe ngethezekile, ngingelusizi. Ungamvumeli athi, ‘AngiKufuni empilweni yami yangasese, nginokukholwa okwenele, angisaKudingi ngalokho.’ Ungakwenzi lokho, kodwa Ngenze ngemukeleke, ungibekele isihlalo, esihle, isihlalo esinethezekile, bese uthi, ‘Yebo, Nkosi. Nansi indumiso encane enhliziyweni yami. Nasi isandla sami siphakama, ukudla okuncane nje. Nanti isobho elincane esingalidla ndawonye, sihlale futhi ngikuxoxisane naWe.’”

¹⁷³ Ungathanda ukwenza lokho na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Mfowethu Branham, manje sengifuna ukuba, Yena ukuba adle nami, ngifuna ukudla naYe.” UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Abanye, ngabe ukhona omunye na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Kulungile.

¹⁷⁴ Omunye umuntu kwiphansi eliphansi, ngaphambi kokuba siye kovulandi abasesitezi, phakamisa isandla sakho, uthi, “Nkosi ngena, ngi—ngi—ngifuna Udle nami, ngifuna Ukhulume nami. Ngi—ngifuna ukwenza Wena iNkosi enhliziyweni yami. NgiKuzwile unqongqotha, ngi—ngifuna Wena udle kanye nami.” Phakamisa isandla sakho, omunye umuntu ongasiphakamisanga isandla sakhe kwiphansi lendlu eliphansi, uzokuzwa lokho kuncenga njengamanje. Uyakuzwa ukubhampa kwalesosiphambano na? Ngani, bekufanele kwenze wonke umsipha kuwe uthuthumele ukwazi ukuthi Wakwenzela lokho! Futhi ungeke usaphakamisa isandla sakho ngaYe na? Hhayi ngisho nokuphakamisa isandla! UNkulunkulu akubusise, emuva lapho, mnumzane.

¹⁷⁵ Phezulu kovulandi abasesitezi ngakwesokunxele sami, ungasiphakamisa isandla sakho. Nina namakhanda enu ekhotheme, nithi, “Yidla nami, Nkosi.” UNkulunkulu akubusise ngapha, mfowethu oyikhaladi. UNkulunkulu akubusise, mfana omncane, ohlezi lapho. Omunye umuntu phezulu kuvulandi osesitezi na?

Uthi, “Ngabe lokho kuzokwenza noma yini, Mfowethu Branham na?”

¹⁷⁶ Uma ukuqonde ngempela, uyedlula ekufeni uya ekuPhileni, Uzongena ngqo. Usizwile isiphambano enhliziyweni yakho kulentambama, amabhampi ezansi nomgwaqo, Yena ezama ukungqongqotha emnyango wakho ukuba angene ukuba akwenzele into ethize enhle na? [UMfowethu Branham

ungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.] Phakamisa isandla sakho.

177 Ovulande abasesitezi ngakwesokudla sami, phezulu kulezozethameli lapho, ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, “Mfowethu Branham, ngikhulekele. Mina manje...” UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. Omunye... UNkulunkulu akubusise. Busiswa. Busisa omncane lapho. Busisa lona. Kunjalo. Omunye, phakamisa isandla sakho nje. UNkulunkulu akubusise. Omunye na? Awusho, uma... UNkulunkulu akubusise, emuva lapha, mnumzane.

178 Omunye umuntu na? Yebo, umfana omncane ohlezi lapha. O, ngezinye izikhathi lezozinhliziyo ezincane ezingakadonswa ezindumazweni eziningi kangako nezinto zezwe, zithambile. Niyazi, iBhayibheli lathi ku-Isaya 10, “U—umntwana uyakubahola.”

179 Ungesiphakamise isandla sakho, ngaphambi nje kokuba sime manje na? UNkulunkulu abusise intombazane encane. UNkulunkulu abusise umfo omncane laphaya. Omunye na? Phakamisa isandla sakho. Uthi, “Manje ngifuna... Ngizwa ibhampu.” UNkulunkulu akubusise, ntombi, uNkulunkulu abe nawe, leyo yinto yobuqhawe ukuba yenziwe, uNkulunkulu abe nawe njalo. Ungesabi, kuyinto enkulu kunazo zonke oke wayenza, s’thandwa. Ngoluny’usuku lapho kufika ukufa, uyokhumbula ukuthi wenza into efanele, uyokukhumbula lokho ngaphambi kokuba lesosikhathi senzeke. Busiswa inhliziyo yakho encane.

180 Omunye na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngizwa ibhamba nokungqongqotha emnyango wami, Mfowethu Branham, ngizovula emnyango wami futhi ngiMbukeye, futhi lapho ngibona iGazi lapho, futhi ngazi ukuthi LinguYe, ngizothi, ‘Ngena, Nkosi. Ngena, uhlale phansi, thola okuhle ukwedlula konke ekhaya lami, ngizoKwenza wemukeleke. Ngizohamba ngitshela wonke umuntu ukuthi uJesu uhambele indawo yami yokuhlala encane kulentambama, eyami empofu, inhliziyo yami endadlana. Hhayi kakhulu, kodwa Ufika ngempela kuyo futhi wangqongqotha emnyango, futhi ngaMngenisa, uMuntu obaluleke kakhulu obengangqongqotha emnyango wami.” UngaMxoshi.

181 Amakhanda enu ekhotheme manje, ngenkathi senza ukubizela e-altare, ngenhlonipho yokuzithoba, ngokuthula. Ngizokuyeka nje kubhampe imizuzu embalwa. [Udade ukhuluma ngezilimi, omunye udade uyahumusha—Umhl.]

Ungangedluli, O omnene. . .

Ungasukuma esihlalweni sakho, uzela umkhuleko manje na?

. . . ukukhala kwami okuthobekile;

Lapho Ubabiza abanye,

Mawungangedluli.

Msindisi, . . .

182 Ningeza manje futhi nime nizungeze i-altare na?

Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
Lapho Ubabiza abanye,
Ungangedluli.

183 Awusukumi ngani manje futhi uze ngase-altare lapha na? Wena ofuna ukuvula lowo mnyango wenhliziyo, Makabe yiNkosi empilweni yakho, wozani futhi nime lapha okwezwi lomkhuleko ngaphambi nje kokuba siqale umugqa womkhuleko. Ungekwenze na?

184 Singajabula ukuba nani lapha, abelusi bazonemukela phakathi ngqo. Anidingi ukuba niye kwenye indawo, banamabandla khona lapha, inqwaba yabo ekholwa yileliVangeli elifanayo, futhi ngempela bazokunakekela okwe, wena. UNkulunkulu akubusise, nenekazi, leyo yindlela efanele yokukwenza.

185 Sisacula futhi, ungeza manje na? Makuthi wonke umuntu ophakamise isandla sakhe asukume futhi ame azungeze i-altare ngomkhuleko, nizokwenza na?

Ungangedluli, . . .

186 Sukumani nize, ningeke na? Nivela kovulande abasesitezi, sizolinda.

. . . ukukhala kwami okuthobekile;
Lapho Ubabiza abanye,
O, ungangedluli.

Msindisi, Msindisi,
Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
Lapho Ubabiza abanye,
O, ungangedluli.

Msindisi, . . .

UNkulunkulu akubusise, nsizwa nentombi, uNkulunkulu anibusise. UNkulunkulu akubusise, mfowethu nodadewethu.

. . . kwami . . .

187 Ungesukume uphume esihlalweni sakho, bese wehla ngqo na? Makuthi izisebenzi eziqondene nabantu zize ngalesisikhathi, nazo.

Lapho Ubabiza abanye,
Ungangedluli.

188 Ngiqaphele omunye wabafana bethu abangamakhiladi ayigugu, ngicabanga ukuthi umkakhe uyeza enyuka. Niyazi ukuthi ngicabanga ukuthi kufanele ukuthi kufikeni emqondweni wakhe na? Kwakukhona indoda eyikhaladi ngesikhathi saleyonkundla, yezwa lokho kubhampa,

yaMbhekisisa ebhadazela, uSimoni waseKhurene, wawela, wabeka isiphambano emhlane wakhe uqobo, wayesethi, “Nkosi, ngi—ngizoKusiza usithwale ukhuphukele egqumeni.”

¹⁸⁹ Kunababili babantwana bakhe kulentambama, bakuzwile lokho kubhampa. Ngehora lokugxekwa eBandleni, sebelungele ukuqukula isiphambano, futhi bathi, “Nkosi, ngizokusiza ukusithwala. Akunandaba ukuthi noma ubani omunye uthini, ngiza ngqo ukuKusiza ukusithwala.” Uyakukhumbula lokho, Akakhohlwa lutho.

Msindisi, Msindisi,
Yizwa . . .

Ungeze na? Omunye na?

. . . ukukhala okuthobekile;
Lapho Ubabiza abanye,
Ungangedluli.

Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo
yami,
Ngaphezu kokuphila kimi,
Ngubani enginaye emhlabeni ngaphandle
kwakho na?

Ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?

Wozani manje.

Msindisi, . . .

Woza uthathe indawo yakho manje.

. . . O Msindisi,
Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
Lapho . . .
Ungangedluli . . .

¹⁹⁰ Asikhothamise amakhanda ethu manje. Qhubeka, kwi-ogani. Ngenkathi lowomculo othandekayo, omnandi udlala, kuwena omi lapha, mfana omncane, indoda esikhulile, nowesifazane, indoda emhlophe, nentombi, indoda eyikhaladi nomkayo, isishosha simile ngisho, O Nkulunkulu, singaya kuphi lapho ukufa kusigadla na? Akekho ngaphandle kwaKhe. Wena uyeza, ngenxa yaleyonto ethize, ukuzwile lokho kubhampa enhliziyweni yakho. Manje Uselungele ukukungenisa manje.

¹⁹¹ Baba wethu waseZulwini, kulotshiwe, ngicaphuna iZwi laKho, ngiLicaphuna okwedlula konke engikwaziyo, kuJohane oNgcwele 5:24, lawa ngamaZwi Owawashoyo, ngokwemiBhalo: “Ozwa iZwi laMi,” ababesanda kungqongqotha emnyango, “futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akasoze angena ekulahlweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.”

¹⁹² Ukushilo, Nkosi, ngiyakukholwa. Uhlale lapho umphefumulo wami, khona lapho. Wakwethembisa, sonke

isithembiso siyiqiniso. Wathi, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi.” Khona-ke amandla kazibuthe kaNkulunkulu ophilayo ayadonsa kulentambama. “Futhi ozayo kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle.”

¹⁹³ Kungani na? Ngoba uBaba ukunikile. Bezwile, uNkulunkulu wadonsa, futhi nampa balapha, bekungeke kwenzeke kubo ukuba balahlelwe ngaphandle. Wena wathi, “Ngiyomnika ukuPhila okuPhakade, futhi ngimvuse ngomuhla wokuphela.” Leso yisithembiso saKho, Baba.

¹⁹⁴ Bami lapha phambi kwalezizethameli zamakhulu amaningana abantu, futhi benza ukuvuma ukuthi uNkulunkulu ukhulumile kubo. Wena wathi, “Oyofakaza ngaMi phambi kwaBantu, yena Ngiyakufakaza phambi kukaBaba waMi, neziNgelosi ezingcwele,” khona-ke Wena wafaka igama labo eNcwadini yokuPhila, Nkosi, ngiyaKubonga ngalokhu.

¹⁹⁵ Umzuzwana nje basukume ngezinyawo zabo, Wemukelile ukuqonda kwabo, njengoba bekuphose kuWe kulentambama, Nkosi. Bebeyizoni, futhi bakhalela umusa, Uyabemukela, Wena wathi Uyokwenza, lokho kukwenza kube njalo. Basindiswe ngomzuzu abaphakame ngawo. Bami lapha phambi kwezethameli namakhanda ekhotheme manje, ukuKuthatha njengoMsindisi wabo, ukufakaza phambi kwalezizethameli ukuthi basindisiwe.

¹⁹⁶ Baba, ungavumeli lokhu kube yindawo yokuma, kodwa kwangathi bangemukela uMoya oNgcwele. Ihora selisondele eduze, abadingi ukwenza noma yini enye, ngaphandle kokuya emsebenzini. Banikeze impahla, noma yini esesandleni sabo, abanye bangahle bacule, abanye bangahle bashumayele, abanye bangahle bafakaze, asazi, kodwa noma yini esesandleni sabo.

¹⁹⁷ USamsoni wayenomhlathi womnyuzi kuphela, kodwa wabulala inkulungwane yamaFilisti. UShamgari wayenocijo lwenkabi, amaFilisti ayeza, wayengenaso isikhathi sokuziqeqeshela ukwazi ukuthi kuliwa kanjani, uMoya kaNkulunkulu ufika phezu kwakhe, wathatha ucijo lwenkabi olwalusesandleni sakhe futhi washaya walahla phansi amakhulu amaFilisti. UDavide wayenendwayimane, uGoliyati wayephonsele inselele, kodwa uNkulunkulu wayenendwayimane.

¹⁹⁸ Futhi nampa bemi kulentambama, Nkosi, njengezidalwa ezintsha, kwangathi bangemukela uMoya oNgcwele. Uma bengenamfundo yasesikoleni, ukuqeqeshwa, kumbe noma yini okunye, bathumele ensimini yenkonzo, Nkosi, ngenxa yenkazimulo yaKho, ngenkathi sebemukele lokho kungqongqotha emnyango.

¹⁹⁹ Futhi ngenkathi nisamile, futhi nina enikhuphukela e-altare, ngisho nakubafana abancane, nabo bonke, uma ukholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi ukholwa

ukuthi Wafa ukukusindisa, futhi uMemukela njengoMsindisi wakho, phakamisa isandla sakho phambi kwalezizethameli, ukuze zibone ukuthi uyamemukela uJesu njengoMsindisi wakho. Kinina e-altare lapha, yilokho engikhuluma ngakho. Yilokho-ke. Phakamisani izandla zenu. Yileyondlela. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

²⁰⁰ Manje okwesibusiso esiqhubekayo kancane, ukuba uyalwe, umfundisi umi lapha ulungele ukuholela egumbini, lapho esingahlangana khona nawe egumbini ngomkhuleko. Vele uzungeze ngqo ngakwesokudla, ngenkathi ngenza okunye ukubiza. Wozani ngqo ngapha, uma nithanda, wozani ngakwesokudla, khona ngapha. Makuthi izisebenzi eziqondene nomuntu zilandele laba, khona manje, khona manje, baye egumbini. Ngalendlela, umfundisi nezisebenzi eziqondene nabantu, beze ngapha ngqo egumbini.

Lapho Ubabiza abanye,

²⁰¹ Bangaki abangenawo uMoya oNgcwele, abazofuna ukungena ukuba bemukele uMoya oNgcwele manje na? Umnyango uvuliwe, ngena nabo ngqo, yilokho abakungenelayo. Basindisiwe. Bayafika... Ngenkathi uNkulunkulu ekhuluma enhliziyweni yabo, futhi basukumile, bebengabakhethiweyo bakaNkulunkulu. UNkulunkulu ubabizile. UJesu wathi, "Akekho ongeza, uma uBaba waMi engamdonisi. Konke uBaba aNgiphe khona, kuyakuza kiMi." Kunjalo. Ngakho, baye egumbini.

²⁰² Omunye ongafuna ukungena nabo kuvulandi osesitezi, ongenawo uMoya oNgcwele na? Sinabayali, kanjalonjalo, abanganiyala, futhi nihlale khona lapho yonke imini nobusuku uma ufuna, uze udlule unombhaphathizo kaMoya oNgcwele.

²⁰³ Mfowethu, kuyinto esemqoka, ufanele ukukholwe, ufanele ube nakho, kungenjalo uzobhubha. Ngenani, ningeke, sisacula kanye futhi na?

Ngithemba kuphela ekufanelekeni kwaKho,
Ngingabubona ubuso baKho;
Yelapha umoya wami olimele, ophukile,
Ngisindise ngomusa waKho.

Asiphakamise izandla zethu, wonke umuntu manje.

Msindisi, Msindisi,
Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
Lapho Ubabiza abanye,
Ungedluli...

²⁰⁴ Baba wethu waseZulwini, kwangathi kungebebikho noyedwa phakathi kwethu oyosala. Ngibanike okwdlula konke engikwaziyo ukuthi kanjani, iZwi laKho, ngiLicaphuna njengoba Lilotshiwe nje, engqongqotha emnyango, iminyango yamakamelo enhliziyu, ethi "Othandayo, angeza futhi aphuze

eManzini emithombo yokuPhila ngesihle; ngaphandle kwemali, ngaphandle kwentengo. Wozani sithethe indaba, nakuba izono zenu zibomvu njengagazi, ziyakuba-mhlophe njengeqhwa; zibomvu njengokububende, ziyakuba-mhlophe njengoboya bezimvu.”

²⁰⁵ Futhi njengoba Ubuka ngeGazi elibomvu leNdodana yaKho, siyazi ukuthi okubomvu ngokubomvu kubukeka kumhlophe, futhi ngaphandle kwalokho, kusalokhu kubomvu, phandle ngaphansi kweGazi, ngani, akukho ukuthethelelwa kwesono. Futhi bezile, abaningi babo, ukukwemukela, Baba. Bangingi esakhiweni lapha, angizazi izinhliziyi zabo, Wena uyazazi, ukuthi lapho ngima, uma uSuku lokwaHlulela luyakuba namuhla, nokho, noma kusasa, khona-ke akuyikubakho-gazi lamuntu phezu kwami, ngoba ngibanikele kuWe ngeZwi laKho, noMoya uthi, “Woza,” uMlobokazi wathi, “Woza.” “Othandayo, woza futhi uphuze eManzini emithombo yokuPhila ngesihle.”

²⁰⁶ Nkulunkulu, yipha ukuthi kungabibikho umphefumulo olahlekile lapha, kodwa oyakuba khona ngaloloSuku, usindisiwe futhi ungaphansi kweGazi. Emuva egumbini, lapho lezozisebenzi zisebenza khona, Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzogcwalisa ngamunye wabo nguMoya oNgcwele. Banike isifiso senhliziyi yabo. Siphe khona.

²⁰⁷ Kwangathi bangathola inhlanganyelo phakathi kwabangcwele manje, babe ngabamanye alamabandla amahle emphakathini wabo. Busisa labo abafuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, kwangathi Angeza ngomusa phezu kwalowo nalowo wabo. Sisize manje, njengoba sibiza umugqa womkhuleko, phulukisa abagulayo nabahluphekile.

²⁰⁸ Futhi lapho ukuphila sekuphelile, Baba, intshumayelo yokugcina iyashunyayelwa, lokho ngiyokwenza ngolunye usuku, impilo yami iyofanele iphele lapha emhlabeni uma uJesu elibala, bese kuthi-ke iBhayibheli lami livalwe okokugcina, ihubo lokugcina selidlaliwe, khona-ke kwangathi singahlangana naWe, Nkosi, ngokuthula. Woza, Nkosi, manje futhi uziveze Wena uqobo uphila kithi, njengoba silindela kuWe ngabagulayo. EGameni leNkosi uJesu, siyakucela, ngenkazimulo yaKhe. Amen.

²⁰⁹ Manje, ngikhulwa ukuthi uBilly uthe unikeze amakhadi omkhuleko ayikhulu. Angazi ukuthi bekungaba yiluphi uhlamvu. U-E? Awu, bekujeke kusabakhona, empeleni, ngoba sikhulekele wonke. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

²¹⁰ . . .umuthi uzokuphulukisa, uma ekwenza, a—akazi ukuthi ukhuluma ngani. Ukuphulukisa kungukuphindaphindeka kwamangqamuzana noma ukuphila. Umuthi ngeke uveze ukuphila. Uma babene. . .yenza umuthi wenze ukuphila, besingawuthela ebhodleleni, futhi silinyakazise, futhi kuphume umuntu. Niyabo? Kodwa asi. . .Asinakho. Uma uhamba . . .

211 Manje, wena uthi, “Mfowethu Branham, uthini umcabango wakho ngodokotela na?”

212 Ngikholwa ukuthi bayizinceku zikaNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi kukhona abanye phakathi kwabo ongesiyo, kodwa kukhona abanye phakathi kwabashumayeli abangesizo izinceku zikaNkulunkulu, futhi. Ngithola abaningi odokotela abakholwayo, kunoma ngenza kubashumayeli abakholwayo, kokungaphezu kwemvelo.

213 Ngivakashele isibhedlela lapha, esikhathini esingeside esedlule, ukuba ngiyohlolwa ngaphambi kokuya phesheya kwezilwandle, ngakhuluma nabasebenzi bezokwelapha bonke, futhi wonke osethimbeni uyakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, impela, uma uzokwethula kubo ngokunengqondo. Omunye wodokotela abakhulu kulesisibhedlela esithile wathi kimi, wathi, “Ngani, Mnu. Branham,” wathi, “sidudula abantu emuva ofile, akukho kushaya kwemithambo nhlobo,” futhi wathi, “into yokuqala uyazi,” wathi, “siyaqonda ukuthi igumbi lokuhlinza, uMuntu othize uphakathi lapho ngaphandle kwethu.” Kunjalo.

214 Manje bukani, ukuba-ke ngephuke ingalo yami, ngase ngiya kudokotela ngase ngithi, “Yiphulukise Dok, masinya impela, ngifuna ukuqeda umsebenzi wami”?

Ubeyothi, “Udinga ukuphulukiswa kwengqondo.”

215 Kunjalo. Angayihlela, kodwa uNkulunkulu uzofanele aphulukise. UNkulunkulu uzofanele aveze ikhalsiyamu nezinto ezingena kulelothambo, bese ehlanganisa lelothambo ndawonye, akukho-muthi ozokwenza.

216 Manje, ukuba-ke bengine-aphendiksi, udokotela ubedingeka ahlinze na? Akangiphulukisanga, uvele wakhapha i-aphendiksi. Ubani ozophulukisa indawo abayisikile na? Akukho-muthi oyokuphulukisa.

Omunye wathi kimi, wathi, “Mfowethu Branham. . .”

217 Ngesinye isikhathi ngenza ukuphawula kanjalo, ngakwenza kanje, ngathi, “Noma yimuphi umuthi ozophulukisa isandla sami, uma ngisike isandla sami. . . Bukani, uma ngisike isandla sami, bengiyowa phansi ngife, ubunga—ungabeka wonke umuthi osezweni esandleni sami, futhi ugqumise umzimba wami ukungenza ngibukeke ngingowemvelo iminyaka engamashumi amahlanu, lokho kusikeka bekuyoba njengoba kwakunjalo nje ngenkathi ngiwa phansi ngifile.” Impela. Uma umuthi uphulukisa, awuphulukisi ngani na? Manje, umuthi uphulukisa ukusikeka esandleni sami, uphulukisa ukusikeka ebhantshini lami, uphulukisa ukusikeka *lapha*.

“Ngani,” wena uthi, “umuthi awenzelwanga ibhantshi lakho *nalokhu*.”

Awu, kuthiwani-ke ngomzimba wami khona-ke, uma ngi, uma ngiwa phansi ngife, futhi uwuthunge, futhi ugqumise umzimba wami, kungani ungaphulukisi uma uphulukisa umzimba na?"

"Ngani," wena uthi, "ukuphila kuphumile."

²¹⁸ O! Yilokho-ke. Ukuphila. Yini ukuphila na? Ngitshele ukuthi kuyini ukuphila, futhi ngizokutshela ukuthi uNkulunkulu ungubani. Ngokuba uNkulunkulu ungukuPhila okuchichimayo. Kunjalo impela. Yisimo sakho sokuziphatha ngakukho. Niyabo? Ungeke wakwenza. Ngakho, u—ufanele ukukhumbule lokho, ukuthi uNkulunkulu nguye kuphela uMphulukisi okhona.

²¹⁹ Omunye wathi kimi ngesinye isikhathi, wathi, "Mfowethu Branham, kuthiwani ngomjovo umjovo kazifozonke ngenyumoniya, imikhuhlane emibi na?"

²²⁰ Ngathi, "Impela. Umjovo kazifozonke ufana nokukhipha ushevu wamagundwane endlini yakho, lapho amagundane edle izimbobo endlini yakho, ubulala amagundane, kodwa awuphulukisi izimbobo lapho edla khona." Kunjalo impela. Umjovo kazifozonke unguphoyizeni, isibulala-magciwane esibulala amagciwane, bese kuthi-ke awu—awubuyiseli ingqamuzana legazi elidabukile, uNkulunkulu ufanele akwenze lokho. Impela.

²²¹ Ngakho, uNkulunkulu nguyena kuphela uMphulukisi okhona, uma kungenjalo, iBhayibheli linephutha, UNkulunkulu wathi kumaHubo 103:3, "NgiyiNkosi ephulukisa zonke izifo zenu." Ngibamba okwami. . .

²²² Ngenkathi nga—ngangixoxisana nabo eMtholampilo wakwaMayo, bathi kimi, "Asi. . ." Omdala, uJimmy Mayo kwizelamani zakwaMayo ezindala wayenento emuva lapho ehhovisi, lapho ayevame ukuba nayo lapho, bangiyisa emuva futhi bangikhombisa, ngenkathi loDonny Morton. . . Bangaki abakufunda kwi*Reader's Digest* na? Ngenkathi abakwaMayo babemenqabile, nayo yonke into, futhi waphumela lapho eCalifornia, ezansi ephuma eCanada iNkosi yamphulukisa, yamphilisa. Futhi abakwaMayo babemenqabile, kanjalo noJohns Hopkins, umfana wenziwa waba ngojwayelekile. Futhi bona, ngaba nengxoxiswano ngalokho, futhi bathi, "Asizisho ukuthi singabaphulukisi, sizisho kuphela ukuthi sisiza imvelo, uNkulunkulu nguye kuphela uMphulukisi." Kunjalo.

²²³ Ngakho, odokotela bayizinceku zikaNkulunkulu. Angikwazi—a—a—angikwazi ukuphulukisa, udokotela akakwazi ukuphulukisa. Manje, usebenza ngokususa isimila, noma akhiphe izinyo elibi; angibhekani nalesosimila, ngibhekana nokuphila kulesosimila, umoya, umdlavuzi, ngudeveli. IBhayibheli lathi, "Lapho umoya oyisithulu noyisimungulu uphuma kumuntu, wayesekwazi ukukhuluma futhi ezwe." Niyabo? Umoya.

224 Uma i—uma indoda iyisithulu futhi ingezwa, udokotela uthi imizwa ifile. Awu, kungani ingafile kuwo wonke umzimba wakhe na? Njengalokhu nje: Ukuba-ke kukhona ibhande elikhanya bha esandleni sami elinqamula ukuhamba kwegazi na? Ngokushesha isandla sami sizofa, singabi namsebenzi. Awu manje, ungeke wakubona lokho, udokotela usebenza kuphela emizweni emibili, emibili yemizwa yakhe emihlanu: angakubona, angakuzwa. Awu manje, uma engakuboni noma akuzwe, khona-ke lapho lelobhande likhululwa, khona-ke ukuhamba kwegazi kuqala kubuye futhi. Njengoba nje imvelo . . .

225 Inenekazi lalinengane egongobele laphaya, ngobunye ubusuku, egumbini labaphuthumayo, futhi ngamkhulekela umfo omncane, ngamtshela, ngathi, “Njengohlanga lommbila lukhula, uma kungekho okulukhathazayo, luyoveza uhlanga lommbila, oluhle nolugondile, isikhwebu esihle. Uma umvini usongeka kulo, igabade lilala phezu kwalo, onamathela, luyogwegwa. Awu, yileyo ndlela ukugongobala noma noma yini enye eyiyo, kukhona okukuvimbayo. Awu, uma ungasusa isithiyo, into izokhula iqonde.”

Manje, inqwaba yabantu ithi, “Awu, angiboni mehluko manje.”

226 Lokho akuhlangene ngalutho nakho, akukho-nto. Donsa igabade lisuke emmbileni, awuqondi khona manje, unike ithuba nje, ulele elangeni elifudumele, imvula, ubhekisise uphuma uqonde. Ngakho uzokwenza into efanayo, kukholwe nje, nguNkulunkulu. Okokuqala, konke ukuphila kwalokho kukhanya kungukuphila kwezithombo eziphuma nge l-a-n-g-a, kodwa ukuPhila okuPhakade kuza nge N-d-o-d-a-n-a (Ngabe kunjalo na?), iNdodana kaNkulunkulu.

227 Ngiyakutshela ukuthi ungenzani, thela ukhonkolo phansi naphenzulu endleleni yakho eseceleni komgwaqo, ubeke utshani phansi lapho. Buphi utshani obukhulu kunabo bonke botshani bakho entwasahlobo ezayo na? Khona impela onqenqemeni lendlela yakho eseceleni komgwaqo. Ngani na? Yilokho kuphila phakathi lapho, awukwazi ukufihla ukuphila. Lapho lelolanga liqala ukufudumalisa lowokhonkolo, lokho kuphila okuncane kuyokhula kuqhubeke kuphume, kuqhubeke kuphume, futhi kuphakamise ikhanda lakho futhi kudumise uNkulunkulu. Futhi kunjalo. Ungeke wakufihla.

228 Thatha i—isithombo bese usifaka ngaphansi kweketela, uphendule iketela libheke phansi, bhekisisani lesosithombo siphenduka ngqo, futhi sibuye ngqo sikhuphuke futhi sidumise uNkulunkulu. Kunjalo, awukwazi ukufihla ukuphila. Futhi lapho ukuPhila kusenziziyweni, uNkulunkulu usenziziyweni, ungeke wakufihla. O, Unguye ngempela.

229 Manje, bukani lowomugqa wabantu, bayothi ngqu bangene ehholo nangaphandle. Awu manje, nazi kahle kamhlophe angikwazanga ukuthatha ukubona okufihlakeleyo sonke isikhathi ngakulabobantu, niyabo. Bangaki okwaziyo lokho na? Ngani, cishe emva kwelesine noma elesihlanu, bengiyocishe impela ngiquleke ngaleyonkathi.

230 Bangaki phakathi lapha manje, awu, awunawo amakhadi omkhuleko, kodwa uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi uNkulunkulu uyaphulukisa na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...phila. Kulungile, manje hamba futhi... [Akuqoshwanga eteyipini.]...niyabo, inkonzo yokuqala ngenkathi iNkosi ingitshela ukuba ngibeke izandla phezu kwe, babeyobeka izandla zabo kwezami.

231 Woza lapha. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...?... Yebo, mnumzane. Manje, njengoba ngishilo nje, noma yini eyayingenayo imbewana, ibingeke ivele, kodwa iyavela. Unenkathazo yesisu. Uyakholwa ukuthi iNkosi izokuphulukisa kuso na? Ngifuna ukubone lokhu, ngifuna ubuke isandla sami. Manje susa isandla sakho. Niyabo? Manje ngifaka esami, asenzi kanjalo. Niyabo? Kodwa esakho...Manje, ingxenye eyimfihlakalo: Ngaze kanjani ukuthi yini ebingalungile ngawe na? Niyabo? Lowo ngu—lowo nguMoya oNgcwele. Manje uyakholwa uma ngikukhulekela, kuzosuka na? Ngenhliziyo yakho yonke na? Kubhekisise.

232 Baba wethu waseZulwini, makwazeke ukuthi Wena unguNkulunkulu, futhi kulotshiwe emiBhalweni, “NgeGama laMi, bayakukhipha amademoni.”

233 Ngiphosela inselelo lodeveli olimaza udadewethu, eGameni likaJesu Kristu, phuma kuye!

234 Manje, uyabhekisisa, wena uqobo, nenekazi. Manje, ngaphambi kokuba ngivule amehlo ami kumbe noma yini, nomfowethu lapho obebhekisisa isandla sami, naye, sekubuyele emuva ngokweywayelekile, akubanga njalo na? Manje, kukhona okwenzekile, akwenzekanga na? Uphulukisiwe.

Kholwa nje.

235 Manje lelinenekazi, angilibhekile ngombono. Beka isandla sakho kwesami, nenekazi. Yebo, mnumzane! Osibekelwe ukufa, umdlavuzo. Uyakwazi lokho na? Manje, ufanele abe nokuphulukiswa, noma afe. Manje, a—a—angikwazi nje ukukuchaza. Ngi—ngi...Ufanele nje ukukholwe, yilokho kuphela okukukho, mina, ayikho indlela kimi yokukwenza. Manje, nenekazi, uma bengingenza noma yini ukukusiza, bengiyoba ngumzencisi uma ngingakwenzanga, kodwa a—angikwazi ukwenza okungaphezu kokukhuleka. Uma wena nami sizovumelana ndawonye, njengoba uJesu athembisa eBhayibhelini, futhi uzokukholwa lokho ngayo yonke inhliziyu yakho...

²³⁶ Ucabanga kanjani ukuthi ngiyazi ukuthi ubuhlupheka kanjalo na? Ngesiphiwo. Ngabe kunjalo na? Uyakholwa ukuthi isiphiwo sivela kuNkulunkulu na? Manje, uma sizovumelana manje, ngingakwenza kukushiye, futhi ungakubona kuhamba. Kodwa uma—uma—uma sizohlenganisa ukukholwa kwethu ndawonye, bese kuthi-ke uma kuhamba, ngeke ngasho ukuthi kuzohlala, manje, uyabo, ngibhekene nesimila, niyabo, manje, ukuphila phakathi lapho, isigaxa cishe sizobe sisekhona. Kodwa emva kwezinsuku ezimbalwa lesosigaxa sizovuvukala, sibe sikhulu, khona-ke nje usiyeke kanjalo, asinakuphila, khona-ke kufana nenja encane igayisiwe emgwaqeni, iyoswabana isikhashana, kodwa-ke izokhukhumala futhi iba usayizi ophindwe kabili wayo.

²³⁷ Inqwaba yabantu ithi, “Ngilahlekelwe ukuphulukiswa kwami.”

²³⁸ Qhabo, leso yisibonakaliso sokuthi unakho. Uma ugula, yiqatha lenyama ebolile lilele lapho, inhliziyi izofanele ihlanze umgudu wegazi, ngakho ishaya yedlule lapho, bese kuqala isifo esithelelanayo, kuthatha imfiva, nakho konke, lokho kukhombisa ukuthi unokuphulukiswa kwakho. Inqwaba yabantu ithi, “O, ngikugejile, ngikugejile.” Niyabo?

²³⁹ Manje, uzokholwa na? Manje, khumbulani lapho sekuphumile, kuyohamba ezindaweni ezomile. Manje, uma uzokholwa, beka isandla sakho lapha. Ngifuna uqonde, ukuze... Yenyukela lapha eduze, ngoba usesimweni esibucayi. Ngifuna ubuke isandla sami. Uyabo? Manje, siphenduka sithi ukuba bomvu, nezincane, izinto ezimhlophe zigijima phezu kwaso. Manje, leyo akusiyo ingxenye eyimfihlakalo. Manje, thatha esinye isandla sakho lapha, bese usibeka lapho, e-hhe. Manje, akukwenzi lokho lapho, kuyakwenza na? Kanjalo akukwenzi kulesi. Kodwa manje, beka *lesisandla*. Uyabo, yilokho Akwenzayo, nakho kuhamba. Niyabo?

²⁴⁰ Manje, uma sizovumelana... Ukukhombisa ukuthi uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe, nasi isibonakaliso somzimba. Ngibeke isandla sami phansi *kanje*, ukuze ubone ukuthi asinyakaziswa. Kulungile. Manje, uyabona nje indlela okubukeka ngayo na?

²⁴¹ Manje, ngifuna wonke umuntu ugcine ikhanda lakho likhotheme, ngoba lokhu kungukukhipha umoya omubi. Futhi lapho uthukuthele futhi ufanele ukhishwe ngempopo... Ngokuvamile ngikushiya esigulini, uma befuna ukukukholwa, kulungile, ngenze konke engingakwenza, ngalesisikhathi, ukuze izethameli, lomuntu, abefundisi, noma ngabe yini okunye, bazokubona, futhi bazi ukuthi sekwenziwe, owesifazane ebuka lapho, awu khona-ke, uNkulunkulu makabe ngumahluleli. Manje hlonipha ngokuzithoba. Futhi njengoba ubhekisisa, bhekisisa isandla sami.

242 Nkosi, owesifazane ubhekisisa isandla sami, uyazi ukuthi Into ethize eyimfihlakalo ibiyazi ukuthi yini ebingalungile ngaye. Ngiyakhuleka kuWe, Baba, eGameni likaKristu, ukuthi Awuyikumgangalela lokhu, kodwa sifuna abantu bazi ukuthi Wena ungqongqotha eminyango, futhi ubhekisisa lokhu kusabela komzimba lapha. Futhi ngiyakhuleka, Wena, Baba, ukuthi Uzokwenza kusuke emzimbeni wakhe. Ngizwe, Baba, eGameni likaKristu.

243 Manje kuze kube manje, awukahambi. Manje, inenekazi lingufakazi, liyabhekisisa. Ngisakuzwa, nje kukhubaza ingalo yami, cishe impela. Manje hloniphani ngokuzithoba, wonke umuntu; angikawavuli amehlo ami okwamanje.

244 Sathane, isayense yezokwelapha ikubiza ngomdlavuzo, okusho “inkalankala,” kodwa sikwazi njengodeveli, umbulali, ukufa, nokufa nokuphila ngeke kuhlale ndawonye. Ngiza eGameni likaJesu Kristu, ngiletha ukuphila. Phuma kuye, ngiyakuyala, eGameni likaJesu, mshiye!

245 Manje inenekazi malibe ngumahluleli. Angikaze ngisinyakazise isandla sami, kodwa usuhambile. Kunjalo na? Manje phakamisa ikhanda lakho. Manje, nesandla sami sibekwe kulelitafula lapha, inenekazi lingufakazi. Manje buka, nenekazi, ukuze uzobona. Akunjalo, kunjalo na? Akunjalo, kunjalo na? Manje thatha lesisandla. Uyabo? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

NgeGama likaJesu, kwangathi omncane angaphulukiswa.

Uma nje uzokholwa... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]
...?...

246 Bekubukeka sengathi zonke izethameli ziyaqhakaza nje manje nge... Awukwenzanga ngani lokhu endaweni yokuqala na? Wonke lowo ophethwe yisifo segazi, yimani ngezinyawo zenu phandle lapho, isifo sokushodelwa yigazi, nokunye nokunye, isifo sikashukela, noma yini enye, yima ngezinyawo zakho futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyoyakho, nxazonke, noma kuphi, esitezi esiphezulu, esitezi esiphansi, noma ngabe kukuphi. Ngizobabiza kanjani na? Niyabo? Yibani nilokhu nime ngezinyawo zenu.

Yima lapha umzuzu nje.

Woza, ukholwa. Woza lapha, khona lapha. Buka lapha, dadewethu, isifo sikashukela. Futhi yima khona lapha, futhi.

247 Bonke abanesifo sikashukela yimani ngezinyawo zenu, nizobona into ethize yenzeka manje, uma nje nizokholwa. Yiba nokukholwa. Kholwa ngayo yonke inhliziyoyakho. Kulungile. Uyakholwa ngenhliziyoyakho yonke na?

EGameni leNkosi uJesu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa. Amen.

Kusobala, ukhubazekile, leso yisimo sesifo samathambo. Yima lapha.

²⁴⁸ Wonke umuntu onesifo samathambo yima ngezinyawo zakho. Buka lapha. Uyabo?

²⁴⁹ Kulungile, woza, dadewethu, khona lapha. Bheka ngapha kimi, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Bengazi selokhu kade uhlezi lapho ujabulela lokho kuphulukiswa obunakho lesosifuba somoya, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuvumela udlule kukho na? Ya.

²⁵⁰ Wonke umuntu onesifuba somoya, yima ngezinyawo zakho, sukuma nje. Uma uNkulunkulu engaphulukisa oyedwa lapha, Angabaphulukisa phandle lapho, Ubengeke na? Isimo sesifuba somoya.

Kulungile, inkathazo yezinso.

²⁵¹ Kulungile, wonke lowo onenkathazo yezinso yima ngezinyawo zakho. Kulungile. Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

Woza lapha, dadewethu, ngibuke, inkathazo yesisu, yima khona lapha.

²⁵² Wonke lowo onenkathazo yesisu sukuma. Kulungile. Buka lapha kimi.

O, zonke izethameli zihlushwa yinkathazo yakho, ukwethuka.

²⁵³ Wonke umuntu onokwethuka, yima ngezinyawo zakho. Wonke umuntu onokwethuka, yima ngezinyawo zakho.

²⁵⁴ Bukani lapho, bengingadlula kanjani kulezozethameli ngibiza bonke labobantu na? Kodwa uMoya oNgcwele, Uphakathi lapha, kunokuningi nje ekufikeni ngesikhathi esisodwa, ngeke ngasho ukuthi Ukuphi.

²⁵⁵ O, Uyangqongqotha. [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti—Umhl.] Uyakukholwa na? Lesi yisikhathi, lesi yisikhathi. Wonke umuntu ogulayo, sukuma ume ngezinyawo zakho, wonke umuntu ofuna ukuphulukiswa, sukumani nime ngezinyawo zenu futhi niphakamise izandla zenu.

Woza, dadewethu, ukwethuka sekuhambile...?...Hamba, ukholwe.

Phakamisani izandla zenu. Niyamemukela uKristu njengoMphulukisi wenu na? Uma nikwenza, vayizelisani izandla zenu kuYe.

²⁵⁶ O Nkulunkulu, Mqalisi wokuphila, Mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela izibusiso zaKho phezu kwalababantu, engibabusisa eGameni laKho.

²⁵⁷ Sathane, wehluliwe empini, udaluliwe, laba abahambisanayo bayazi ukuthi udaluliwe. Ungudeveli, ungumqambimanga, ungumkhohlisi, futhi sibizela ukukhohlisa

kwakho eBukhoni bukaMoya oNgcwele. Njengenceku kaNkulunkulu, ngesiphiwo sokuphulukisa esikhonziswa yiNgelosi ekudalulayo, phuma kubo, Sathane, eGamini likaJesu Kristu!

²⁵⁸ Phakamisani izandla zenu futhi niMnike udumo, futhi ngizoniqinisekisa ngokuphulukiswa kwenu, lonke igembu lenu, eGamini likaJesu Kristu. UNkulunkulu anibusise. 🙏

60-0803 U-Abrahama
E-Eisenhower High School
EYakima, EWashington E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org